**2025**

# Masingana-Ndasa

## Vol. 101, No. 1

## Isifundo Sesikolo SeSabatha

## Isigaba Sabadala

**INGXENYE YOKUQALA**

# Ivangeli Ngokuya NgokukaJohane

**Umfundi othandekayo wethula uJesu Kristu,**

**INdodana kaNkulunkulu yaphakade kanye nekhambi**

**Elingcwele lesono somhlaba wonke**

# Isingeniso

Kulonyaka, amakota amane sizobe sifunda *ngeVangeli Ngokuya NgokukaJohane*. Ngaphandle kokungabaza, umbhali wevangeli lesine akazisho ukuthi ungubani, **noma enze ubufakazi ngaye njengomunye wabafundi ababili abalandela uKristu kuqala** (Johane 1:37). Kunalokho, uzibala "njengomunye umfundi," lowo mfundi," "umfundi….lowo amthandayo," umfundi lowo uJesu amthandayo,"futhi "nguye lomfundi ofakaza ngalezindaba nakulobile lokhu" (Johane 18:15; 19:26; 21:20, 23, 24). Umcijo wokuthi abanye abafundi abadumile babizwa ngamagama kuyilapho igama likaJohane lishiywe ngaphandle, libonakala likhomba ukuthi kungaba nguye umbhali walelivangeli.
Ngokuya ngoMoya weSiprofetho, umbhali wevangeli lesine nguJohane, "umfundi lowo uJesu amthandayo." Ungomunye wabafundi abathathu ababa ngofakazi benkazimulo kaKristu phezu kwentaba yokuguqulelwa nosizi Lwakhe ensimini ngaphambi kokubanjwa Kwakhe. Ukuphila Kwakhe kuyisibonelo esigqamile esibonisa ukuthi amandla kaNkulunkulu aguqula ngokuphelele "indodana yodumo" yaba ngumuntu ohlelekile onothando futhi onesimo esijulile sokubona okusithekile kwesimoya.
"UJohane wabambelela kuKristu njengomvini onamathela ensikeni ephakeme kakhulu. Ngenxa yeNkosi yakhe waqunga isibindi ezingozini zeholo lokwahlulela futhi walibala esiphambanweni, futhi ezindabeni zokuthi uKristu uvukile, waphuthumela ethuneni, ngentshiseko yakhe edlula ngisho noPeter owayenamawala
"Uthando olunesisa nenkonzo yokuzidela ebonakala ekuphileni nasesimilweni sikaJohane kunikeza izifundo zanamuhla zenani elingenakuchazwa ebandleni lamaKrestu. UJohane ngokwemvelo wayengenabo ubuhle besimilo esavezwa kumava akhe kamuva. Ngokwemvelo wayeneziphambeko ezimbi kakhulu. Ubengazikhukhumezi kuphela, ezethemba, futhi enesifiso sokuhlonishwa, kodwa enamawala, futhi enokucasuka ngaphansi kokulimala. Yena nomfowabo babebizwa 'amadodana odumo.' Babenomoya omubi, isifiso sokuphindisela, umoya wokugxeka, konke kwakukhona kumfundi othandekayo. Ngaphansi kwakho konke lokhu uThishela ongcwele wabanakho ukubona inhliziyo eshisekelayo, eqotho, nenothando. UJesu wakhuza ukuzifunela lokhu, wadumaza izifiso zakhe, wavivinya ukholo lwakhe. Kodwa wamembula kuye lokhu umphefumulo wakhe okulangazelayo-ubuhle bobungcwele, amandla othando oluguqulayo."-*The Acts of the Apostles*, pp. 539, 540.
Zonke iziphathi-mandla zasendulo zithi ivangeli likaJohane labhalwa e-Efesu phakathi kweminyaka A.D. 90 noma ngaphambili. Umfundi wayefakwe embizeni yamafutha abilayo futhi wasinda ekufeni ngendlela emangalisayo, kamuva wadingiselwa esiqhingini sasePatmose (Isambulo 1:9). Kulapho abhala khona Isambulo. Ukwenyukela kukaNerva esihlalweni sobukhosi (A. D. 96) kwamenza wakwazi ukubuyela e-Efesu, kulapho kukholakala ukuthi waqhubeka ehlala kwaze kwaba sekufeni kwakhe phakathi kokubusa kukaTrajan ngo (A.D. 98-117).
Kwangathi uMoya kaKristu ungahola ukufunda kwethu kulekota, futhi uthinte izinhliziyo zethu ukusabela othandweni Lakhe!

*Igatsha leSikolo seSabatha kwiGeneral Conference*

# Umnikelo weSabatha Lokuqala
## ISabatha, Masingana 4, 2025

**Owe-Multipurpose Centre for,
Health and Education in Paraguay**

"Isifundazwe saseParaguay ilizwe elingaphakathi eSouth America, lapho lizingezwe iArgentina, Bolivia, neBrazil. Abantu babalelwa kwizigidi ezingu 6.1, zabakhile kulo, I 96.1% yilabo abafakazela ukuthi bangamaKristu (88.3% ngamaKatolika I 7.8% ezinye izinkolo zamaKrestu); 2.6% yilabo abangakholwa, futhi abaseleyo bavela kwezinye izifunda noma akukhulunywa lutho ngabo. Umnotho wezwe lonke usekwe kuqala kwezolimo-ikakhulu isoy-beans-ngaphezu kweminyaka engu 50 edlule, iParaguay ithe yatshala imboni yamandla ehydroelectric.

Amalunga okuqala eSDA Reform Movement afika lapha evela eHungary ngeminyaka yo 1940 nomsebenzi waqhubekela phambili ngeminyaka yo 1950 ngenxa yabathengisa izincwadi futhi kamuva ngeminyaka yo 1970 ngenxa yomsebenzi wokwelapha. Manje sinexuku elimangalisayo lamalunga athembekile emadolobheni amakhulu.

Iminyaka eminingi sinesikhungo sokwelapha kwemvelo esisebenza kwinhloko dolobha yase Asuncion, ukusisiza ukuhambisa ivangeli kwimiphefumulo eminingi nokufundisa indlela yokuphila yabantu abayinsali bakaNkulunkulu. Ngokusizwa nguNkulunkulu kanye nexuku lokuqeqesha elifundisiwe, sinethemba lokuvuselela iclinic-kodwa okwamanje ukuba isebenzele idolobha, futhi ifinyelele emaphandleni ukufeza umsebenzi ongcwele: "Phumani emadolobheni. Misani izibhedlela zenu, izikolo zenu, namahovisi mawabe kude namadolobha anabantu abaningi."-*Selected Messagges,* bk. 2, p. 357.

Ngalombono engqondweni, siye safuna isicephu somhlaba endaweni engaphandle kwigatsha lase Paraguari, amamayela angu 66km. (41 miles) ukusuka kwinhloko dolobha. Sesile sinayo indawo engcwele Kanye nendlu yabafundisi kulendawo, kodwa lokhu kuyisiqalo. Umgomo ukusungula isikhungu esisebenza ngezindlela eziningi kanye nesikhungo sezempilo esiyisisekelo, isikolo sebendla, indlu yokukhonzela, kanye nesikhungo sokuthuthukisa amabhizinisi okudla okunempilo okuzondlayo.

Sicela izipho zabazalwane bethu emhlabeni wonke ukuba nisisize ukuletha lomgomo uthela isithelo. Ukuhlanganyela kwenu kuzoletha amandla amasha kwizinga lokugcina ukuphelelisa lomsebenzi. Seyame kumandla nomusa omangalisayo kaNkulunkulu futhi siyethemba ukuthi iNkosi izobusisa imizamo yethu nomphakathi osizungezile emhlabeni ukunika amandla nokukhulisa umsebenzi wevangeli kulenxenye yesivini Sakhe.

*Abazalwane benu nodade abavela kwiNsimu yaseParaguayan*

# Ivangeli Ngokuya NgokukaJohane

**IVESI LEKHANDA: "ULizwi waba-yinyama, wakha phakathi kwethu, (sabona inkazimulo Yakhe, inkazimulo njengeyozelwe yedwa kuYise,) egcwele umusa neqiniso" (Johane 1:14).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Patriachs and Prophets,* pp. 44-51, 111-116.

"Kusukela ephakadeni uKristu wahlanganiswa noYise, futhi lapho ethathela Kuye isimo somuntu, ubelokhu emunye noNkulunkulu."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 228.

## 1. UJESU, MUNYE NOBABA — NgeSonto, Zibandlela 29

**a. IZwi likaNkulunkulu lithini ngoJesu ngaphambi kokuba aguqulelwe enyameni-na? Johane 1:1, 2.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Kusukela ephakadeni iNkosi uJesu Kristu wayemunye noYise; waye"ngumfanekiso kaNkulunkulu,' umfanekiso wobukhulu nobukhosi Bakhe, 'ukubengezela kwenkazimulo Yakhe.' Kwakufanele abonakalise lenkazimulo ukuthi eze emhlabeni wethu, kulomhlaba wesono owenziwe wabamnyama weza ukuveza ukukhanya kothando lukaNkulunkulu-ukuba 'uNkulunkulu unathi.' "-*The Desire of Ages,* p. 19.

"UKristu, uLizwi, ozelwe yedwa kuNkulunkulu, emunye noYise ongunaphakade-emunye ngokwemvelo, ngesimilo, ngenhloso-okungu-kuphela komuntu owayengangena kuzozonke izeluleko kanye nezinhloso kaNkulunkulu."-*Patriachs and Prophets*, p. 34.

**b. UJesu wayebhekwa kanjani nguYise nezingelosi-na? Amahubo 45:6; Isaya 9:6; Heberu 1:3, 6-8.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Izingelo ziyizikhonzi zikaNkulunkulu, ezikhazimula ngokukhanya okuhlala kugeleza kuvela ebukhoneni Bakhe futhi zigijima ngamaphiko asheshayo ukwenza intando Yakhe. Kodwa iNdodana, egcotshiweyo kaNkulunkulu, engumfanekiso wobuntu Bayo,' 'ngokukhanya kwenkazimulo Yakhe,' 'iphakamisa zonke izinto ngelizwi lamandla Ayo,' ibusa phezu kwakho konke."-Ibid.

## 2. UHLELO LOKUDALA NgoMsombuluko, Zibandlela 30

**a. Ngubani owadala izinto zonke-na? Johane 1:3, 10; Kolose 1:15-17, Heberu 1:2.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"NguKristu oweneka amazulu, futhi wabeka izisekelo zomhlaba. Izandla Zakhe ezalengisa umhlaba emkhathini, zabumba izimbali zasendle. 'Yena omisa izintaba ngamandla Akhe.' 'Ulwandle ngoLwakhe, walwenza.' Amahubo 65:6; 95:5. Nguye owagcwalisa umhlaba ngobuhle, nomoya ngengoma. Futhi phezu kwezinto zonke emhlabeni, emoyeni, nesibhakabhaka, wabhala umyalezo wothando lukaBaba."-*The Desire of Ages,* p. 20.

**b. Chaza indlela amazwe nezulu nomhlaba wonke okwadalwa ngayo. Amahubo 33:6, 9; 104:1-6.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"UNkulunkulu, wakhuluma futhi ngezwi LAkhe wadala imisebenzi Yakhe emhlabeni wemvelo. Indalo kaNkulunkulu iyindawo yokugcina izinto ezilungele ukuthi azisebenzise ngokushesha ukwenza njengokuthanda Kwakhe."-*The SDA Bible Commentary* [E.G. White Comments], vol. 1, p. 1081.

"Lapho umhlaba uphuma esandleni soMdali wawo, wawumuhle kakhulu. Ubuso bawo behlukahlukene ngezintaba, amagquma, namathafa, wasakaza phakathi kwezinye izinto nemifula ehloniphekile namachibi amahle; kodwa amagquma nezintaba kwakungekho okuzumayo nokumangelengele, okuchichima imimango esabekayo ekwenzayo manje; izikhathi ezibukhali, ezimalengelenge zohlaka lomhlaba olunamadwala zagqitshwa ngaphansi kwenhlabathi ethelayo, yonke indawo eyayikhiqiza ukuhluma kwezitshalo. Ayengekho amaxhaphozi anengekayo namahlane awugwadule. Izihlahla ezinhle nezimbali ezintekenteke zazibingelela ngaso sonke isikhathi. Izindawo eziphakeme azithwesa umqhele ngezihlahla ezibabazekayo ukwedlula zonke ezikhona manje. Umoya, ongangcoliswanga inkungu engcolile, wawucacile futhi unempilo. Yonke indawo yayigqama ngobuhle njengezinkundla ezihlotshisiwe zesigodlo esiziqhenyayo. Ibutho lezingelosi labuka lesehlakalo ngenjabula, futhi zajabulela umsebenzi omangalisayo kaNkulunkulu."-*Patriachs and Prophets,* p. 44.

"IBhayibheli aliphawuli isikhathi eside lapho umhlaba uvela kancane kancane esiphithiphithini. Osukwini ngalunye olulandelanayo lokudala, umbhalo ongcwele umemezela ukuthi wakhiwa ngokuhlwa nokusa, njengazo zonke ezinye izinsuku eziye zalandela. Ekupheleni kokosuku ngalunye kunikezwa umphumela womsebenzi woMdali."-Ibid., p. 112.

## 3. UKUKHANYA KWEZWE — Ngolwesibili, Zibandlela 31

**a. Ngubani uMsunguli wakho konke ukuphila nokukhanya-futhi sisizakala kanjani thina-na? Johane 1:4-9; Izenzo 17:28.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"Kwakungu [Kristu] owayekhuluma kuwo wonke umuntu nokuthi ngezikhathi zonke wayememezela izwi likaNkulunkulu kumuntu. Ngaye bonke ubuhle obubonakala kububanzi bomhlaba emiphefumulweni ehloniphekile beyingumfanekiso."-*Education*, p. 85, 86.

"UKristu unguku 'Khanya, okukhanyisela wonke umuntu ofika emhlabeni.' Johane 1:9. Njengalokhu ngoKristu wonke umuntu unokuphila, kanjalo futhi Ngaye wonke umphefumulo wamukela umsebe othile wokukhanya okungcwele."-Ibid., p. 29.

"Amandla kaNkulunkulu alokhu esebenza kusekela kwizikhonzi zendalo Yakhe. Akungenxa yokuthi umshini owake waqala ukunyakaza uyaqhubeke ukusebenza ngamandla awo emvelo ukushaya kwenhliziyo, nokuphefumula kulandela ukuphefumula. Konke ukuphefumula, konke ukushaya kwenhliziyo, kungubufakazi bokunaka kokuphila Kwakhe, esinyakaza futhi esinakho ukunyakaza nokuphila kwethu. Kusukela kwizinambuzane ezincane kakhulu kuye umuntu, zonke izidalwa eziphilayo zincike nsuku zonke ekuphetheni Kwakhe….

"Lamandla amakhulu asebenza kuyo yonke imvelo futhi asekela izinto awekho, njengoba abanye abantu besayensi besho, cishe kuyisimiso esigcwele yonke indawo, amandla asebenzayo. UNkulunkulu ungumoya; kodwa uyisidalwa, ngoba umuntu wenziwa ngomfanekiso Wakhe. Njengomuntu uqobo, uNkulunkulu uzembule eNdodaneni Yakhe."-Ibid., p. 131.

**b. Uthini uJesu Ngaye-na? Johane 9:5; 8:12; 3:19, 12:46.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"Ngamazwi uthi, 'Mina ngingukukhanya kwezwe,'uJesu wayekhuluma Ngaye njengoMesiya. USimeyoni osekhulile…wakhuluma Ngaye 'njengokukhanya kokwambulela abeZizwe, nenkazimulo yesizwe sakho uIsrayeli.' Luka 2:32. Ngalamazwi ubewaqondisa Kuye njengesiprofetho esaziwa nguIsrayeli wonke. Ngomprofethi uIsaya, uMoya Ongcwele uthi, 'Kuyinto elula ukuba ube yinceku yami, ukuvusa izizwe zakwaJakobe, nokubuyisa abaseleyo bakwaIsrayeli; ngalokhu ngiyakukubeka ube ngukukhanya kwabezizwe, ube yinsindiso yami kuze kube semkhawulweni womhlaba,' Isaya 49:6. Lesiprofetho ngokuvamile sasaziwa njengesikhomba kuMesiya, lapho uJesu ethi, Mina ngingukukhanya kwezwe,' abantu azange behluleke ukuvuma ukuzisho Kwakhe ukuba yiLowo Othenjisiwe."-*The Desire of Ages,* p. 465.

## 4. UNKULUNKULU UNATHI — Ngolwesithathu, Masingana 1

**a. UIsaya waprofetha wathini ngegama lika-Kristu-na? Isaya 7:14. Sagcwaliseka nini lesiprofetho-na? Mathewu 1:22, 23.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Kusukela lapho uJesu ehlala phakathi kwethu, siyazi ukuthi uNkulunkulu ujwayelene nezilingo zethu, futhi uzwelana nobuhlungu bethu. Yonke indodana nendodakazi kaAdamu ingazwisisa ukuthi uMdali wethu ungumngane wezoni. Ngoba kuzo zonke izimfundiso zomusa, isithembiso senjabulo yonke, sonke isenzo sothando, konke ukuthatheka okungcwele okwembulwa ekuphileni koMsindisi emhlabeni, sibona 'UNkulunkulu unathi,'"-*The Desire of Ages*, p. 24.

**b. Kuyini uJesu akwenza ukuze afinyelele kwisimo sokuwa kwethu-na? Johane 1:14; Filiphu 2:5-8; Heberu 2:14-18.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Ukuze sijwayelane nesimilo Sakhe esingcwele nokuphila, uKristu wathatha imvelo yethu futhi wahlala phakathi kwethu. Ubungcwele bembulwa ebuntwini; inkazimulo engabonakali esesimweni somuntu esibonakalayo. Abantu bangafunda okungaziwa ngokwaziwayo; izinto zasezulwini zembulwa emhlabeni; uNkulunkulu wabonakaliswa ngomfanekiso wabantu."-*Christ's Object Lessons,* p. 17.

"INdodana kaNkulunkulu ithe yahlaselwa inyathelo ngenyathelo amandla obumnyama. Emva kokuBhapathizwa Kwakhe waholelwa nguMoya ehlane, futhi wahlupheka ngenxa yesilingo izinsuku ezingamashumi amane….uma ebengeYena umhlanganyeli wemvelo yethu, ubengeke alingwa njengoba umuntu elingwa. Uma bekungenzeka ukuba awele esilingweni, ubengeke abe ngumsizi wethu. Kuyiqiniso elimsulwa ukuthi uKristu weza ukuzolwa izimpi njengomuntu, ngenxa yabantu. Isilingo sokunqoba Kwakhe kusitshela ukuthi umuntu kufanele alingise isiBonelo; umuntu kufanele abe ngumhlanganyeli wemvelo engcwele."-*The SDA Bible Commentary* [E.G. White Comments], vol. 5, p. 1082.

"Ukugcina inkazimulo Yakhe yemboziwe njengomntwana wesizwe esiwileyo, lokhu kwaba isijeziso esinzima kunazo zonke iNkosana yokuphila engazithoba Kuso. Kanjalo walinganisa amandla Akhe noSathane. Lowo owaxoshwa ezulwini walwa kakhulu efuna ukunqoba Lowo osesigodlweni ngaphezulu abenomona ngaye. Bekuyimpi enjani Lena! Alukho ulwimi olwanele ukuyichaza. Kodwa esikhathini esizayo maduze kuzoqondwa yilabo abathe banqoba ngegazi leWundlu nagezwi lobufakazi babo."-Ibid., pp. 1081, 1082.

## 5. INJONGO YOKUTHATHA IMVELO YOMUNTU — Ngolwesine, Masingana 2

**a. UJesu wazela ukulwenzelani uluntu-na? Johane 3:16, 17; 1:12; Luka 19:10.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UKristu waphathwa ngendlela ebesifanele ukuphathwa ngayo, ukuze siphathwe njengoba kufanele Yena. Wajeziswa ngenxa yeziphambeko zethu, lezo engenasabelo ngazo, ukuze silungisiswe ngokulunga Kwakhe, esingenasabelo ngakho. Wahlupheka ngokufa okwakungokwethu, ukuze samukele ukuphila okungoKwakhe. 'Nangemivimbo Yayo siphilisiwe thina."-*The Desire of Ages,* p. 25.

**b. Sibuyiselwa kanjani ngomhlatshelo kaKristu-na? Galathiya 4:5-7; Heberu 2:10.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UKristu wenza umhlatshelo omkhulu nophelele. Umhlatshelo owanele ukusindisa yonke indodana nendodakazi kaAdamu ezobonisa ukuphenduka maqondana noNkulunkulu ngokuphula umthetho Wakhe, futhi bembule ukholo eNkosini yethu uJesu Kristu….UKristu uyiNhloko yosindiso lwethu, futhi ngokuhlupheka Kwakhe nangomhlatshelo unikile isibonelo kubo bonke abalandeli Bakhe abalindile nabakhulekayo, nangemizamo ebekezelayo, beyibalulekile ohlangothini lwabo uma bezomela ngokufanele uthando oluhlala esifubeni Sakhe ngenxa yesizwe esiwileyo."-*Testimonies for the Church*, vol. 2. p. 664.

"UNkulunkulu uthanda abantwana Bakhe abalalelayo. Unombuso abalungisele wona, kungesibo abalandeli abangalaleli, kodwa abantwana Bakhe labo athe wabalinga wabavivinya emhlabeni ongcoliswe futhi wonakaliswa yisono. Njengabantwana abalalelayo, sinelungelo lobudlelwano noNkulunkulu. 'Uthi, uma abantwana,' 'sebeyizindlalifa zefa elingabhubhiyo…. uKristu nabatu Bakhe bamunye."-*The SDA Bible Commentary* [E.G. White Comments], vol. 6, p. 1077.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Masingana 3

1. **Injani imvelo uJesu ayenayo kusukela kwaphakade-na?**
2. **Ngubani owaneka amazulu, wabeka izisekelo zomhlaba-na?**
3. **Kuvela kubani konke ukukhanya kweqiniso-na?**
4. **Ubizwa ngokuthini uJesu kuIsaya 7:14?**
5. **UJesu wabayini lapho ethwala isimo semvelo yethu-na?**

# IWundlu likaNkulunkulu

**“IVESI LEKHANDA: “Yacindezelwa, kepha noma yathotshiswa, ayivulanga umlomo wayo: njengewundlu eliyiswa ekuhlatshweni, nanjengemvu ethule phambi kwabagundi bayo, ayiwuvulanga umlomo wayo” (Isaya 53:7).**

**Incwadi Enikeziwe**: *The Desire of Ages*, pp. 132-143.

“Isoni esiphendukayo masibhekise amehlo aso phezu’ kweWundlu likaNkulunkulu, elisusa izono zezwe.’”-*The Faith I Live By,* p. 107.

## 1. UBUFAKAZI BUKA-JOHANE UMBHAPATHIZI NgeSonto, Masingana 5

**a. Kuyini uJohane uMbhapathizi akumemezela ngoJesu-na? Johane 1:15-18.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

**b. UJohane waziveza kanjani kubaholi bezenkolo-na? Johane 1:19-23. Yisiphi isiprofetho asigcwalisa-futhi siqondana kanjani naso-na? Isaya 40:3-5.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

“Ezikhathini zonke zembali yalomhlaba uNkulunkulu ulokhu enezithunywa eziqhubekisela phambili umsebenzi Wakhe, okumele wenziwe ngesikhathi nangendlela ayimisileyo. UJohane uMbhapathizi wayenomsebenzi okhethekile, lowo azalelwa wona futhi lowo ayemiselwe wona-umsebenzi wokulungisela indlela yeNkosi….

“[Umsebenzi Wakhe ehlane] kwaba ukugcwaliseka okumangalisayo kakhulu, okungokoqobo kwesiprofetho.”-*The Southern Watchman,* Ndasa 21, 1905.

“INkosi yanikeza [uJohane uMbhapathizi] umyalezo wakhe. Ingabe waya kubapristi nababusi wabuza ukuthi angamemezela yini lomyalezo-na? Cha, uNkulunkulu wamsusa kubo ukuze angamukeli umoya womfutho wabo nemfundiso yabo. Ubeyizwi elimemeza ehlane, [Isaya 40:3-5 ngokuphindwa]. Lesi yiso kanye isigijimi okufanele sinikezwe abantu; sifinyelele ekupheleni kwesikhathi, futhi umyalezo yilona, Lungisani indlela yeNkosi, qoqani amatshe; phakamisani umthetho ebantwini. Abantu kufanele bavuswe. Akusona isikhathi manje sokumemezela ukuthula nokulondeka.”-*Selected Messages,* bk. 1, p. 410.

**a. Lapho uJesu eza kuJohane ezobhapathizwa, uJohane wamkhomba kanjani futhi efakaza ngomsebenzi Wakhe emphakathini-na? Johane 1:29, 34. Yisiphi isiprofetho esagcwaliseka-na? Isaya 53:4-7.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"UKristu ubenguMhlengi wabantu omkhulu ekuqaleni komhlaba njengoba enjalo namuhla. Ngaphambi kokuba embathise ubungcwele Bakhe ngobuntu futhi weza kulomhlaba, isigijimi sevangeli sanikezwa uAdamu, uSethi, uEnoki, uMethusela, noNowa. UAbrahama eKanana noLoti eSodoma basithwala isigijimi, futhi kusukela kwisizukulwane ukuya kwesinye isizukulwane izithunywa ezithembekile zazimemezela Lowo Ozayo. Imikhuba nendlela yokuphatha kwamaJuda yamiswa nguKristu ngoKwakhe. Ubengumthombo wohlelo lwabo lweminikelo yemihlatshelo, isifanekiso esikhulu sazo zonke izinkonzo zenkolo yabo. Igazi elachitheka njengomhlatshelo lenzelwa likhomba phambili umhlatshelo weWumdlu likaNkulunkulu. Yonke iminikelo yemifanekiso yagcwaliseka Ngaye."-*Christ's Object Lessons*, p. 126.

**b. UJohane wamethula kanjani uJesu kubafundi bakhe-na? Johane 1:35, 36. Amazwi Akhe aba namphumela muni kubo-nokuthi kwenzekani kamuva ekuphileni kwakhe-na? Johane 1:37.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ngosuku olulandelayo [emva kokubhapathizwa kukaKristu], lapho abafundi ababili bemi eduzane, uJohane wabona futhi uJesu emi phakathi kwabantu. Futhi ubuso bomprofethi bakhanyiswa ngenkazimulo evela koNgabonwa, njengoba ethi, "Bheka iWundlu likaNkulunkulu!' Amazwi avevezelisa izinhliziyo zabafundi. Babengawaqondi ngokuphelele. Ukuthi lisho ukuthini igama uJohane amnika Lona-'iWundlu likaNkulunkulu'? UJohane ngokwakhe akazange awachaze. Bamshiya uJohane, bahamba ukuyofuna uJesu."-*The Desire of Ages,* p. 138.

"UJohane watshela abafundi bakhe ukuthi uJesu unguMesiya othenjisiwe, uMsindisi welizwe lonke. Njengoba umsebenzi wakhe ufinyelela ekupheleni, wafundisa abafundi bakhe ukuthi babheke kuJesu, futhi bamlandele njengoThishela Omkhulu. Ukuphila kukaJohane kwakulusizi futhi engozincishayo. Ubengumanduleli wokubonakala kokuqala kukaKristu, kodwa azange avunyelwe ukufakazela izimangaliso Zakhe, noma athokozele amandla abonakaliswa Nguye. Lapho uJesu ezimisa ngoKwakhe njengothishela, uJohane ubazi ukuthi yena kumele afe. Izwi lakhe lase lizwakala kancane, kuphela ehlane. Ukuphila kwakhe kwakunesizungu. Azange abambelele kumndeni kaBaba Wakhe, noma athokozele ubudlelwano bawo, kodwa wabashiya ukuze aphelelise umsebenzi wakhe."-*Early Writings,* p. 154.

## 3. ABAFUNDI BAKA-JESU BOKUQALA — Ngolwesibili, Masingana 7

**a. Ngobani abanye abafundi bakaJesu bokuqala-na? Mathewu 4:18, 21. Ntakazelelo yini abayibonisa kuKristu futhi kwaba yisikhathi eside kangakanani emva kokuhlangana Naye okokuqala-na? Johane 1:38, 39.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Omunye kwababili [abalandela uJesu] bekungu Andreya, umfowabo kaSimeyoni; omunye kunguJohane umvangeli. Yibona abafundi bokuqala bakaKristu. Beshukunyiswa umuzwa ongenakuvinjelwa, balandela uJesu-beshisekela ukukhuluma Naye, kodwa bemangele futhi bethulile, belahlekelwe ukubaluleka komcabango othi, ingabe lona nguMesiya-na?'

"UJesu ubazi ukuthi abafundi bayaMlandela. Babeyizithelo zokuqala zomsebenzi Wakhe, futhi kwaba khona injabubulo enhliziyweni kaThishela ongcwele lapho lemiphefumulo isabela umusa Wakhe. Wabuza kuphela ukuthi, 'Nifunani-na?' Lowo obengabashiya ukuba bakhululeke babuyele emuva noma bakhulume abakufisayo.

"Kungenhloso eyodwa kuphela ababeyiqaphela. Ubukhona Bakhe obugcwalisa imicabango yabo. Bathi Kuye; 'Rabi,…uhlala kuphi na?' Ekukhulumeni okufishane endleleni abakwazanga ukuthola lokhu ababekulangazela. Babefisa ukuba bodwa noJesu, bahlale ezinyaweni Zakhe, futhi balalele amazwi Akhe….

"Uma uJohane noAndreya babenomoya wokungakholwa wabapristi nababusi, bebangeke batholakale bengabafundi ezinyaweni zikaJesu. Ngabe beza Kuye njengabagxeki, ukwahlulela amazwi Akhe. Ngakho abaningi bavala umnyango wamathuba ayigugu kakhulu. Akuzange kubenjalo kulabafundi bokuqala. Basabela ubizo loMoya Ongcwele ekushumayeleni kukaJohane uMbhapathizi. Manje bayalazi izwi likaThishela wasuzulwini. Kubona amazwi kaJesu ayegcwele ubusha neqiniso nobuhle. Ukukhanya okungcwele kwahlakazwa phezu kwemfundiso yeMibhalo yeTestamende Elidala. Izihloko eziningi zeqiniso ezisemaceleni zema ekukhanyeni okusha."-*The Desire of Ages*, pp. 138, 139.

**b. Benzani abafundi bokuqala emva nje kokuhlangana Naye-na? Johane 1:41, 42.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UAndreya wazama ukwabelana ngenjabulo egcwalise inhliziyo yakhe. Wahamba ukuyofuna umfowabo uSimeyoni, wathi kuye, 'simfumene uMesiya. 'USimoni akalindanga ukuba abizwe ngokwesibili, naye uke wezwa intshumayelo kaJohane uMbhapathizi, futhi ngokushesha waya kuMsindisi."-Ibid., p. 139.

## 4. UKUBHIDLIZA UKUCHEMA Ngolwesithathu, Masingana 8

**a. Chaza ukuthi kwenzekani lapho uJesu emema omunye umfundi ukuba aMlandele-na? Johane 1:43-45.**

________________________________________________________________________________

"UFiliphu walalela umyalo, futhi ngokushesha waba isisebenzi sikaKristu. UFiliphu wabiza uNathaniyeli."-*The Desire of Ages,* p. 139.

**b. Kuyini esingakufunda ngendlela uKristu abanakho ukunqoba ukuba manqikanqika kukaNathaniyeli-na? Johane 1:46-49.**

"Lapho uNathaniyeli ebheka uJesu, wadumala. Ingabe lomuntu, othwele izimpawu zomshikashika futhi engompofu, angaba nguMesiya-na? Kodwa uNathaniyeli azange akhethe ukudela uJesu, ngoba umyalezo kaJohane waletha ukulahlwa ngecala enhliziyweni yakhe.

"Ngesikhathi uFiliphu embiza, uNathaniyeli wayesukile waya endaweni ethulile ukuze azindle ngesimemezelo sikaJohane kanye neziprofetho eziphathelene noMesiya. Wakhuleka ukuthi uma lowo owamenyezelwa nguJohane engumkhululi, makwaziwe nguye, futhi uMoya Ongcwele wehlela phezu kwakhe ngesiqiniseko sokuthi uNkulunkulu uhambele abantu Bakhe futhi wabavusela uphondo lwensindiso yabo….

"UJesu waphendula wathi kuye, angakakubizi uFiliphu, uphansi komkhiwane, Ngakubona.'

"Kwakwanele. UMoya Ongcwele othwalele ubufakazi kuNathaniyeli ngomkhuleko wakhe wangasese ngaphansi komkhiwane manje akhulunywa amazwi kaJesu. Nakuba wayenokungabaza, futhi evumela ngandlela-thize ukuchema, uNathaniyeli weza kuKristu enesifiso esiqotho seqiniso, futhi manje isifiso sakhe sahlangabezwa. Ukholo lwakhe lwadlula lowo owamletha kuJesu. Waphendula wathi, 'Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, wena uyiNkosi yakwaIsrayeli.'

"Uma uNathaniyeli wayethembele korrabi ukuze athole iseluleko, wayengeke amthole uJesu. Kwakungenxa yokubona nangokuzahlulela ngokwakhe waba ngumfundi. Kanjalo nabaningi namuhla abavinjwa ukuchema ekwenzeni okuhle. Ngabe kwehluke kangakanani umphumela uma 'bangeza bazibonele'!

"Ngesikathi bethembela ekuholweni kwegunya lomuntu, akekho ozofinyelela olwazini olusindisayo lweqiniso. Njengo Nathaniyeli, kufanele sifunde izwi likaNkulunkulu ngokwethu, futhi sikhulekele ukukhanyiselwa nguMoya Ongcwele. Lowo owabona uNathaniyeli ngaphansi komkhiwane uzosibona endaweni efihlakele yokukhuleka. Izingelosi ezivela kumhlaba wokukhanya ziseduze kwalabo abafuna ngokuthobeka ukuholwa okungcwele."-Ibid., pp. 139-141.

## 5. IZULU ELIVULEKILE **Ngolwesine, Masingana 9**

**a. UKristu kuyini akuthembisa uNathaniyeli-futhi kungani-na? Johane 1:50, 51.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"[Johane 1:50, 51 ngokuphindwa.] UKristu ngempela lapha uthi, ogwini lwaseJoridane amazulu avuleka, noMoya wehla njengejuba phezu Kwami. Lesehlakalo sasiluphawu lokuthi Mina ngiyiNdodana kaNkulunkulu. Uma nikholwa Yimi kanjalo, ukholo lwenu luzosheshiswa. Nizobona ukuthi amazulu avulekile, futhi angeke avalwa, mina ngiwavulele-nina. Izingelosi zikaNkulunkulu ziyenyuka, zithwele imikhuleko yabaswelayo nabasosizini kuBaba phezulu, zibuye zehle, zilethe isibusiso nethemba, isibindi, usizo, nokuphila, kubantwana babantu."-*The Desire of Ages,* pp. 142, 143.

**b. Kuyini okwenzekalayo uma samukela uKristu-na? Johane 4:14; Isambulo 22:17.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Uma umuntu esethole iqiniso othandweni lalo, uzokwenza lokhu kubonakale ngokuncenga ngalendlela kanye nesimo sezwi lakhe. Wenza kwaziwe lokho yena ngokwakhe akuzwileyo, akubonile, futhi wabamba izwi lokuphila, ukuze abanye bahlanganyele naye ngolwazi lukaKristu. Ubufakazi bakhe obuvela ezindebenzi ezithintwe ilahle eliphilayo e-altare, buyiqiniso enhliziyweni eyamukelayo, nomsebenzi wokungcweliswa phezu kwesimilo….

"UNkulunkulu ngabe wafinyelela kwinhloso Yakhe yokusindisa izoni ngaphandle kosizo lwethu; kodwa ukuze sikhulise isimilo sifane nesikaKristu, kufanele sabelane ngomsebenzi Wakhe. Ukuze ungene ekujabuleni Kwakhe-injabulo yokubona imiphefumulo ihlengwa ngenxa yomhlatshelo Wakhe-kufanele sihlanganyele emisebenzini Yakhe yokuhlengwa kwabo."-Ibid*.,* p. 142.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE **NgoLwesihlanu, Masingana 10**

1. **Kungani uJohane uMbhapathizi wabizelwa ehlane-na?**
2. **Singasebenzisa kanjani indlela yokuphila kukaJohane uMbhapathizi kweyethu-na?**
3. **Kuyini esingakufunda kuJohane noAndreya lapho behlangana noJesu-na?**
4. **Singakhuthazwa kanjani isimemezelo sokuqala sikaNathaniyeli-na?**
5. **Kuyini okwembula ukuthi ukukholwa kwami kuKristu kuyiqiniso-na?**

# Umshado eKhana

**IVESI LEKHANDA "Nayikhuphi akusho kini anokwenza" (Johane 2:5, isigaba sokugcina).**

**Izincwadi Ezinikeziwe**: *The Desire of Ages,* pp. 144-153.
*Messages to Young People,* pp. 403-418.

"UJesu waqalisa umsebenzi wokulungisa ngokungena esimeni sokuzwelana nomuntu."-*The Desire of Ages*, p. 150.

## 1. UKUQALA KOMSEBENZI KAKRISTU — NgeSonto, Masingana 12

**a. UJesu wawuqala kuphi umsebenzi Wakhe emhlabeni? Johane 2:1, 2.**

__________________________________________________________________________
__________________________________________________________________________

"UJesu akazange aqale inkonzo Yakhe ngomsebenzi omkhulu phambi kweSanhedrin eJerusalema. Kumbuthano wasekhaya emzaneni omncane waseGalile wanikezwa amandla okwenezela injabulo edilini lomshado. Kanjalo ekhombisa ukuzwelana Kwakhe nabantu, kanye nesifiso Sakhe sokusebenzela injabulo yabo. Ehlane lokulingwa Yena ngoKwakhe waphuza isitsha sosizi. Weza ukuba anikeze abantu isitsha sesibusiso, ngesibusiso Sakhe ukungcwelisa ubudlelwano bokuphila komuntu."-*The Desire of Ages*, p. 144.

**b. Kuyini okwenzeka ngaphambi kokuphela kwedili lomshado-na? Johane 2:3.**

__________________________________________________________________________
__________________________________________________________________________

"[UMariya] wayefisa ukuba [uJesu] abonise isixuku ukuthi ungoHloniphekile kaNkulunkulu. Wayecabanga ukuthi lingabakhona ithuba Lakhe lokwenza isimangaliso phambi kwabo.

"Kwakungumkhuba wasendulo ukuthi imikhosi yomshado iqhubeke izinsuku ezimbalwa. Ngalesikhathi, ngaphambi kokuphela kwedili kwatholakala ukuthi iwayini liyasweleka. Lokhu kwaletha ukudideka nokudabuka. Kwakuyinto engavamile ukusweleka kwewayini ngezikhathi zemikhosi, futhi ukungabikhona kwalo kwakubonisa ukuntuleka kokungenisa izihambi."-Ibid., pp. 145, 146.

**a. Umama kaKristu wathini, futhi yaba yini impendulo Yakhe-na? Johane 2:3, 4.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"[Johane 2:4 ngokuphindwa.] Ngalempendulo, ebonakala ingezumayo kithi, akazange abonise ukubanda noma indelelo. Indlela yoMsindisi yokukhuluma nonina yayihambisana nosiko lwasempumalanga. Yayisetshenziswa kumuntu okwakufiswa ukubonisa inhlonipho. Zonke izenzo zempilo kaKristu yasemhlabeni zazivumelana nomthetho awunikeza ngoKwakhe, 'Hlonipha uyihlo nonyoko.' Exodus 20:12. Esiphambanweni, isenzo Sakhe sokugcina sobubele kunina, uJesu waphinda wakhuluma naye ngendlela efanayo, njengoba emnikela ekunakekelweni ngumfundi Wakhe amthanda kakhulu. Kokubili edilini lomshado naphezu kwesiphambano, okwavezwa ngephimbo nokubheka nangendlela echaza amazwi Akhe."-*The Desire of Ages*, p. 146.

**b. Wathini umama kaKristu ezincekwini, futhi lamazwi asebenza kanjani nakithi namuhla-na? Johane 2:5.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Abalandeli [bakaKristu] kufanele babe namandla ngokwengeziwe ekumemezeleni iqiniso njengoba besondela ekupheleliseni ukukholwa nothando kubazalwane babo. UNkulunkulu unikeze usizo olungcwele kuzo zonke izimo eziphuthumayo lapho imithombo yabantu ingalingani. Unikeza uMoya Ongcwele ukuze usisize ubunzimeni, ukuqinisa ithemba nesiqiniseko sethu, ukukhanyisa izingqondo zethu futhi uhlanze izinhliziyo zethu. Ngiyanicela ukuba nifune iseluleko kuNkulunkulu. Mfuneni ngenhliziyo yonke, futhi 'Nayikuphi akusho kini, anokwenza.' Johane 2:5."-*Testimonies for the Church*, vol. 6, pp. 414, 415.

**c. UJesu watshela inceku emshadweni ukuba yenzeni-na? Johane 2:6-8.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Eduze komyango kwakukhona izimbiza zamatshe eziyisithupha ezinkulu zamanzi, uJesu wathi ezincekwini gcwalisani izimbiza ngamanzi. Zazigcwalisa-ke. Iwayini lafuneka ukuba lisetshenziswe ngokushesha, wathi kuzo, 'yikhani manje, niyise kumphathi wokudla.' Esikhundleni samanzi lawo ayegcwaliswe ezimbizeni, kwaphuma iwayini."-*The Desire of Ages,* p. 148.

## 3. IWAYINI LIKA-KRISTU — Ngolwesibili, Masingana 14

**a. Lapho iwayini seliphelile, waphendula wathini umphathi womkhosi-na? Johane 2:9, 10.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Kungakhathaliseki ukuthi umphathi wedili noma isihambi ngokuvamile babazi ukuthi iwayini liphelile. Lapho umphathi enambitha lokhu okwalethwa yizinceku, wakuthola kudlula noma yiliphi iwayini ake aliphuza ngaphambili, futhi lihluke kakhulu kunalelo elanikezwa ekuqaleni komkhosi."-*The Desire of Ages*, p. 148.

**b. Uhlobo olunjani lwewayini uKristu alunikezayo-na? Isaya 65:8.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Iwayini uKristu alinikeza abamenyiwe, nalelo alinikeza abafundi njengophawu lwegazi Lakhe, bekuyisiphuzo esicwebile samagilebhisi. Kulokhu umprofethi uIsaya ubhekisa kulo uma ekhuluma ngewayini-elisha 'elitholwa ehlukuzweni' uthi, 'Malingachithwa; ngoba isibusiso sikulo.' Isaya 65:8….

"Iwayini elingenamvubelo lelo alinikeza abamenyiwe emshadweni beliyisiphuzo esinempilo nesiqabulayo. Umphumelo walo bewunikeza ukunambitheka kuvumelane nesifiso sokudla okunempilo."-Ibid., p. 149.

**c. Uthini uMbhalo ngewayini elibilisiwe-na? Izaga 20:1; 23:29-35.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"KwakunguKristu owanikeza isixwayiso kuIsrayeli kwiTestamende Elidala, 'Iwayini liyisideleli, uphuzo olunamandla lungumxokozeli; bonke abaduka ngalo abahlakaniphile.' Izaga 20:1; futhi Yena akazange anikeze isiphuzo esinjalo. USathane ulinga abantu ukuba bazitike ukuze baphuphutheke ngokwengqondo futhi bafiphale ekuhlukaniseni ngokwesimoya. Kodwa uKristu usifundisa ukuthi silethe imvelo engaphansi ekuthotshisweni. Impilo Yakhe yonke ibiyisibonelo sokuzidela. Ukuze aphule amandla enkanuko yokudla, wahlupheka ngenxa yethu isilingo esinzima kakhulu kunalo lonke umuntu angasibekezelela. NguKristu owayala ukuthi uJohane uMbhpathizi angaphuzi iwayini noma uphuzo olunamandla. Nguye owayala inkosikazi kaManowa ukuzithiba okufanayo. Wamemezela isiqalekiso phezu komuntu ozobeka ibhodlela phezu kwezindebe zomakhelwane wakhe. UKristu akazange aphikisane nezimfundisi Zakhe."-Ibid.

## 4. ISIBONELO SIKA-KRISTU EMIBUNGAZWENI — Ngolwesithathu, Masingana 15

**a. Yiziphi izinhloso ezafezwa ngokubakhona kukaKristu kanye nesimangaliso Sakhe edilini lomshado, ngisho nakithi namuhla-na? Johane 2:11.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"UKristi wazi zonke izinto; wabheka phansi esikhathini sethu, futhi wabona ukuthi sizoba yini isimo somphakathi ekupheleni kwembali yomhlaba. Wabona izinkulungwane zezinkulungwane zibhubha ngokusebenzisa iwayini nophuzo olunamandla. Umhlaba kancane kancane uzofinyelela kwisimo esifanayo njengoba sasinjalo ezinsukwini ngaphambi kukazamcolo. Kodwa izulu liphakamise uphawu oluyingozi, ukuze abantu bathathe isixwayiso, babambisane noNkulunkulu ukuze bazisindise. Usinikile izibonelo zokuzithiba ngokuphelele, wanikeza nesiluleko sokuthi, uma silandelwa, sizophumela ekudalweni nasekulondolozweni kokuqina, ikhono, nobuhle bezingane zethu."-*The Signs of the Times,* Mbasa 16, 1896.

**b. Chaza isimo sengqondo esiqabulayo uKristu asibonisa emsebenzi Wakhe wonke. Mathewu 11:29.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"UJesu waqala umsebenza wenguquko ngokusondelana ngozwelo kuluntu. Lapho ebonisa inhlonipho enkulu ngomthetho kaNkulunkulu, wakhuza ukunikela inhlonipho yokuzenzisa kwabaFarisi, futhi wazama ukukhulula abantu emithethweni engenangqondo eyayibabopha. Wayefuna ukudiliza imigoqo ehlukanisa izigaba azahlukene zomphakathi, ukuze ahlanganise abantu njengabantwana bomkhaya owodwa. Ukuya Kwakhe edilini lomshado kwakwenzelwe ukuba kube inyathelo lokufeza lokhu."-*The Desire of Ages,* p. 150.

"UJesu wasola ukuzitika okukhona kwezinhlobo zonke, nokho wayenobudlelwane nabantu ngokwemvelo Yakhe. Wamukela umoya wokungenisa izihambi zezigaba zonke, evakashela amakhaya abaceile nabampofu, abafundile nabangenalwazi, efuna ukuphakamisa imicabango yabo isuke kwimibuzo evamile yokuphila iye kulezo zinto zesimoya nezingunaphakade. Azange anikeze imvumo yokuhlaphaza, futhi kungekho thunzi lokuziphatha okuhle okonakalisa ukuziphatha Kwakhe; kodwa wayethola injabulo kwizehlakalo zenjabulo emsulwa, futhi ngokubakhona Kwakhe wayegunyaza umbuthano wokuzijabulisa. Umshado wamaJuda bewuyisehlakalo esithakazelwayo, futhi injabulo yawo beyingacasuli iNdodana yomuntu. Ngokuza edilini, uJesu wahlonipha umshado njengesimiso esingcwele."-Ibid., pp. 150, 151.

## 5. UKUXHUMANA OKUNEMPILO KOMPHAKATHI — Ngolwesine, Masingana 16

**a. Kuyini esingakufunda ngesibonelo sikaKristu esimhlukanisa ngokwahlukile nababusi bezenkolo osukwini Lwakhe-na? Izaga 18:24.**

____________________________________________________________________________

"Inkonzo kaKristu yayihluke ngokuphawulekayo kuneyabadala abangamaJuda. Ukunaka kwabo isiko nomthetho kwase kucekele phansi yonke inkululeko yangempela yokucabanga noma yokwenza. Babephila ngokwesaba ukungcola. Ukuze bagweme ukuthintana 'nokungcolile,' bazehlukanisa, kungesikho kwabeZizwe kuphela, kodwa kwiningi labantu bakubo, bengafuni ukuba bazuze noma basizakale kubungane babo. Ngokugxila njalo kulezindaba, bathe bafinyeza izingqondo zabo futhi banciphisa umzila wokuphila kwabo. Isibonelo sabo sasikhuthaza ukuzazisa nokungabekezelelani phakathi kwezigaba zonke zabantu."-*The Desire of Ages,* p. 150.

**b. Kumele ibeyini inhloso yethu kukho konke ukuxhumana nomphakathi-na? Izaga 11:30.**

____________________________________________________________________________

"Singabonisa ngokusobala ukunaka kancane okuyinkulungwane ngamazwi obungane nokubukeka okujabulisayo, okuzobuyiselwa kithi futhi. AmaKrestu anganaki abonisa ukudembesela abanye ukuthi abanabo ubunye noKristu. Angeke kwenzeke ukuba babemunye noKristu bese ungabi nomusa kwabanye futhi ukhohlwe ngamalungelo abo.

"Kufanele sonke sibe ngofakazi bakaJesu. Amandla obudlelwano, angcweliswe ngomusa kaKristu, kufanele athuthukiswe ukuzuzela imiphefumulo kuMsindisi. Umhlaba mawubone ukuthi asigxilanga kubugovu bentakazelelo yethu, kodwa sifisa abanye babelane ngezibusiso namalungelo ethu. Mababone ukuthi inkolo yethu ayisenzi ukuba singabi nozwelo noma sicindezele. Makuthi bonke abathi abafumene uKristu bakhonze njeNgaye ukuze kuzuze abantu. Akufanele sinikeze umhlaba umqondo wokuthi amaKrestu angabantu abanyukubele, nabangenamile."-*The Adventist Home,* p. 428.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Masingana 17

1. **Chaza izithelo zesimoya ezalethwa isimangaliso sikaKristu eKana.**
2. **Chaza ubudlelwano phakathi kukaKristu nomama Wakhe.**
3. **Kungani umphathi wedili abonisa ukumangala-na?**
4. **Uhlobo olunjani lwewayini elifanekisa igazi likaKristu-na?**
5. **Emihlanganweni yomphakathi, kuyini okufanele siyikhumbule ngesibonelo sikaJesu.**

# UJesu Esethempelini

**IVESI LEKHANDA: “Kepha uJehova usethempelini lakhe: thula phambi kwakhe, mhlaba wonke” (Habakuki 2:20).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 5, pp 491-500.

“Izindawo zamabandla kufanele ziphathwe ngenhlonipho engcwele.”-*Testimonies to Ministers,* vol. 5, p. 494.

## 1. UKUNGCOLISWA KWETHEMPELI — NgeSonto, Masingana 19

**a. Chaza isimo esabakhona ethempelini eJerusalema ekuqaleni komsebenzi kaKristu emphakathini. Johane 2:13, 14.**

___

“Wonke umJuda kwakufanele akhokhe inxenye yeshekeli ngomnyaka, ibe ‘yisihlengo somphefumulo wakhe.’…Ngaphandle kwalokho, inani elikhulu lalilethwa njengomnikelo wokuzithandela, ufakwe endaweni yeminikelo yethempeli. Futhi kwakudingeka ukuba lonke uhlamvu lwemali yangaphandle luguqulelwe kuhlamvu lwemali olubizwa ngokuthi ishekeli lethempeli, olwamukelwa enkonzweni yendawo engcwele. Ukushintsha imali kwakunikeza ithuba lokukhwabanisa nokuphanga ngobugebengu, kwase kukhule kwaba yintengiso eyihlazo, okwakuyinzuzo kubapristi.

“Abathengisi bezilwane babefuna amanani aphakeme kakhulu ngezilwane ezithengisiwe, futhi babelane ngenzuzo yabo nabapristi nababusi, futhi bazicebise ngokwabo ngezindleko zabantu.”-*The Desire of Ages*, p. 155.

**b. Lokhu kwathinta kanjani izinkonzo zethempeli-na? Hezekeli 22:26 (isigaba sokugcina).**

“Inani elikhulu lemihlatshelo belinikelwa ngesikhathi sePhasika, futhi okuthengiswa ethempelini kwakukukhulu kakhulu. Ukudideka kwemiphumela kwakubonisa imakethe yezinkomo ezinomsindo kunethempeli elingcwele likaNkulunkulu. Kwakuzwakala ukuthengiselana okubukhali, ukukhala kwezimvu, ukukhala kwezinkomo, ukukhala kwamajuba, okuxutshwa nokukhala kohlamvu lwemali nolaka olubi. Kwaba kukhulu ukudideka kangokuba abakhulekayo babephazimiseka, futhi amazwi abhekiswe koPhezu-Konke ayecwila esiphithiphithini esingena ethempelini.”-Ibid.

**a. UNkulunkulu uyibheka kanjani indawo lapho abonakalisa khona ubukhona Bakhe-futhi wawuyini umyalo Wakhe wokuqala eNtabeni yaseSinayi-na? Eksodusi 3:1-5; 19:12, 13.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Lapho iNkosi yehlela phezu kweNtaba yaseSinayi, indawo yangcweliswa ngobukhona Bayo….Kanjalo kwafundiswa isifundo sokuthi nomaphi lapho uNkulunkulu ebonakalisa ubukhona Bakhe, indawo ingcwele."-*The Desire of Ages,* p. 155, 156.

**b. Waphendula kanjani uKristu ekungcolisweni kwethempeli-na? Johane 2:15, 16.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Lapho uJesu engena ethempelini, wabheka konke okwakwenzeka. Wabona ukuthengiselana okungalungile. Wabona usizi lwabampofu, labo abacabanga ukuthi ngaphandle kokuchitheka kwegazi angeke kwabakhona ukuthethelelwa kwezono zabo. Wabona igceke elingaphandle lethempeli Lakhe liphenduke indawo yokuhwebelana okungalungile. Indawo engcwele iphenduke indawo enkulu yokuhwebelana."-Ibid., p. 157.

"Ehla kancane ezitebhisini, ephakamisa isiswebhu sezintambo aziqoqe ekungeneni kwendawo ebiyelweyo, wanxusa ithimba labathengisi ukuba lisuke egcekeni lethempeli. Ngentshiseko nokuqina angakaze akubonakalise ngaphambili, waphendula amatafula abashintshi bezimali. Uhlamvu lwemali lawela phansi, lwakhala kakhulu endaweni egandiwe. Akekho owazama ukubuza ngegunya Lakhe. Akekho owalokotha ukuma aqoqe inzuzo ayitholile. UJesu azange abashaye ngesiswebhu sezintambo, kodwa esandleni Sakhe lokushaya okulula kwabonakala kwesabeka njengenkemba evutha amalangabi. Izikhulu zethempeli, abapristi abamangele, abadayisi nabahwebi bezinkomo, nezimvu nezinkomo zabo, baphuma kuleyondawo, ngomcabanga owodwa wokubalekela ukulahlwa ebukhoneni Bakhe."-Ibid., p. 158.

**c. Sasisho ukuthini isenzo sikaKristu sokuhlanza ithempeli-na? Malaki 3:1-3.**

__________________________________________________________________________

"Emagcekeni ethempeli eJerusalema, laligcwaliswe ukuxokozela kokuthengiselana okungcolile, lalifanekisa ngempela yonke inhliziyo yethempeli, elingcoliswe ukuba khona kwenkanuko yenyama nemicabango engengcwele. Ngokuhlanza ithempeli kubathengi nabathengisi bomhlaba, uJesu wamemezela umsebenzi Wakhe wokuhlanza inhliziyo ekungcolisweni yisono-izifiso zasemhlabeni, inkanuko yobugovu, imikhuba emibi, eyonkalisa umphefumulo."-Ibid., p. 161.

## 3. UBUKHONA BUKA-NKULUNKULU — Ngolwesibili, Masingana 21

**a. Yayiyini inhloso yokuqala kaNkulunkulu ngokwakha indlu engcwele phakathi kwabantu Bakhe-na? Eksodusi 25:8.**

___________________________________________________________________________

___________________________________________________________________________

"Lethempeli, elakhelwe ukuhlala koBukhona obungcwele, lakhelwa ukuba yisifundo esiyigugu kuIsrayeli kanye nomhlaba. Kusukela ezikhathini zaphakade bekuyinhloso kaNkulunkulu ukuthi wonke umuntu odaliwe, kusukela kwiserafi elikhanyayo nelingcwele kumuntu, kube ithempeli lokuhlala uMdali."-*The Desire of Ages*, p. 161.

**b. Kungani abakholwayo bebhekwa njengethempeli likaNkulunkulu-futhi kumele sigcine ngokuphelele kanjani ubungcwele balethempeli-na? 1 Korinte 3:16, 17, Isaya 57:15.**

___________________________________________________________________________

___________________________________________________________________________

"Ngenxa yesono, umuntu wanqamula ukuba yithempeli likaNkulunkulu. Wenziwa wabamnyama futhi wangcoliswa ububi. Inhliziyo yomuntu ayisavezi inkazimulo yaLowo Ongcwele. Kodwa ngokuba sesimeni somuntu kweNdodana kaNkulunkulu, inhloso yezulu igcwalisekile. UNkulunkulu uhlala kumuntu, futhi ngomusa osindisayo inhliziyo yomuntu iba futhi ithempeli Lakhe."-Ibid.

"Uma sikholwa ukuthi ukuphela kwezinto zonke sekusondele, 'kufanele sibe ngabantu abanjani ekuhambeni kwethu konke nasekumesabeni uNkulunkulu?'

"Wonke umphefumulo okholwa ngempela yiqiniso uzoba nemisebenzi evumelana nalo. Bonke bazoqiniseka futhi bazothe, futhi bengakhathali emizameni yabo ukuzuzela imiphefumulo kuKristu. Uma iqiniso litshalwa ngokujulile kuqala emiphefumulweni yabo, bazozama ukulitshala ezinhliziyweni zabanye. Iqiniso ligcinwa kuphela kakhulu ngaphandle kwegceke. Lilethwe phakathi kwethempeli lomphefumulo, libeke ebukhosini benhliziyo, livumele lilawule ukuphila. Izwi likaNkulunkulu kufanele lifundwe futhi lilalelwe, kanjalo inhliziyo izothola ukuphumula nokuthula nenjabulo, nezifiso zizoqondiswa ezulwini; kodwa uma iqiniso lihlukaniswa nokuphila, ngaphandle kwegceke, inhliziyo ayifudunyezwa umlilo ovuthayo wobuhle bukaNkulunkulu.

"Inkolo kaJesu ibhekwa, ngabaningi, njengegcinelwe izinsuku ezithile, noma izikhathi ezithize, futhi ngezinye izikhathi ibekelwa eceleni futhi inganakwa. Isimiso esihlalayo seqiniso akusona samahora ambalwa ngeSabatha, noma izenzo ezimbalwa zomusa, kodwa kumele ilethwe enhliziyweni, ihlanze futhi ingcwelise isimilo."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 547.

## 4. UKUHLANZWA KWETHEMPELI ELIPHILAYO — Ngolwesithathu, Masingana 22

**a. Kuyini okufanele sikuqonde ngesimo sethu sokungabi nakuzisiza ekufuneni ukuhlanza ithempeli-na? Jeremiya 2:22; Jobe 14:4.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Akukho-muntu ongaxosha ngokwakhe ukuminyana kobubi obuthole indawo enhliziyweni.*The Desire of Ages*, p. 161.

**b. Ngeyiphi imfihlo yokwazi ukuma phambi kukaNkulunkulu ongcwele ngenhliziyo ehlanzekile-na? Hezekeli 36:25-27; Zakariya 3:3-5.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"UJakobe wayenecala lesono esikhulu lokuziphatha kwakhe ku-Esawu; kodwa wayesephendukile. Isiphambeko sakhe sathethelelwa, nesono sakhe sahlanzwa. Ngakhe-ke wayekwazi ukubekezelela ukwambulwa kobukhona bukaNkulunkulu. Kodwa noma nini lapho abantu beza phambi kukaNkulunkulu kuyilapho bethanda ububi ngabomu, babebhujiswa. Ekubuyeni kwesibili kukaKristu ababi bayakuqedwa 'ngomoya womlomo Wakhe,' imchithe ngokubonakala kokufika Kwayo.' 2 Thesalonike 2:8. Ukukhanya kwenkazimulo kaNkulunkulu, okunika abalungileyo ukuphila, kuzobhubhisa ababi.

"Esikhathini sika Johane uMbhapathizi, uKristu wayezovela njengomambuli wesimilo sikaNkulunkulu. Khona ubukhona Bakhe bekuzosenza sibonakale kubantu isono sabo. Uma kuphela bevuma ukuhlanzwe esonweni uma bezongena ebudlelwaneni Naye. Abahlanzekile enhliziyweni kuphela abazohlala ebukhoneni Bakhe."-Ibid., p. 108.

"NguKristu kuphela ongahlanza ithempeli lomphefumulo. Kodwa angeke afohle ukungena. Akangeni enhliziyweni njengethempeli lasendulo; kodwa uthi, 'Bheka, Ngimi ngasemnyango nginqonqotha; uma umuntu ezwa izwi lami, avule umnyango, ngiyakungena kuye.' Isambulo 3:20. Uzongena, kungesikho usuku olulodwa kuphela; ngoba uthi, ngiyakuhlala phakathi kwabo, ngihambe phakathi kwabo; …bazakuba ngabantu bami.' 'Anyathele phansi ububi bethu; yebo, uyakuphonsa zonke izono zabo ekujuleni kolwandle.' 2 Korinte 6:16; Mika 7:19. Ubukhona Bakhe buzohlanza futhi bungcwelise umphefumulo, libe yithempeli elingcwele eNkosini, futhi ukuba nibe yindlu kaNkulunkulu yokomoya.' Efesu 2:21, 22."-Ibid., pp. 161, 162.

"Ngesikhathi uJesu ekhonza endaweni engcwele ngaphezulu, usengumfundisi webandla emhlabeni ngomoya Wakhe."-Ibid., p. 166.

## 5. UKUHLANZA ITHEMPELI NAMUHLA — Ngolwesine, Masingana 23

**a. UNkulunkulu ubabheka kanjani abaholi babantu Bakhe uma beseka ngenkuthalo ubungcwele bendlu Yakhe. Habakuki 2:20; Hezekeli 44:23.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Amagceke ethempeli likaNkulunkulu kwakufanele abhekwe njengangcwele. Kodwa kumbango wokuzuza, konke lokhu kwalahleka.

"Abapristi nababusi babebizelwe ukuthi babe ngabafanekisa uNkulunkulu esizweni; kwakufanele balungise ukuphathwa kabi kwegceke lethempeli. Kwakufanele banikeza abantu isibonelo sobuqotho kanye nozwelo."-*The Desire of Ages,* p. 156.

"Kuyiqiniso ngempela ukuthi ukuhlonipha indlu kaNkulunkuku akusekho. Izinto ezingcwele nezindawo azehlukaniswa; okungcwele nokuphakeme akuthokozelwa…UNkulunkulu wanikeza imiyalo nohlelo, uphelele futhi eqinisile, kubantu Bakhe basendulo. Ingabe isimilo Sakhe siguqukile-na? Akasiye yini uNkulunkulu omkhulu nonamandla obusa ezulwini nasemhlabeni-na? Bekungeke yini kube kuhle ngathi njalo ukufunda iziqondiso ezinikezwa nguNkulunkulu ngoKwakhe kumaHeberu, ukuthi thina esinokukhanya kweqiniso okukhazimulayo kukhanye phezu kwethu kungafana nenhlonipho yabo endlini kaNkulunkulu."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 495, 496.

**b. Chaza ukunqoba okubalulekile okufanele kuzuzwe ngamandla kaKristu? Mathewu 5:8; 1 Johane 3:1-3.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ngibiza wonke umuntu othi uyindodana kaNkulunkulu ukuba angalokothi akhohlwe iqiniso elikhulu, lokuthi sidinga uMoya kaNkulunkulu ongaphakathi kwethu ukuze sifinyelele ezulwini, futhi umsebenzi kaKristu ngaphandle kwethu ukuze asinike ilungelo lefa elingapheliyo."-*Testimonies for the Church*, vol. 2, p. 442.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Masingana 24

1. **Babengobani abaholi bohwebo olubi ethempelini-na?**
2. **Kufanele sibe yini isimo sengqondo sanoma ngubani oza phambi kukaNkulunkulu-na?**
3. **Chaza ubukhulu besimoya ithempeli laseJerusalema okwakumele libenalo.**
4. **Kuyini uKristu akumemezela ekuhlanzweni kwethempeli-na?**
5. **Ingahlanzwa kanjani kuphela inhliziyo yomuntu onephutha-na?**

# Umnikelo WeSabatha Lokuqala

ISabatha, Nhlolanja 1, 2025

## *Ngowe-World Disaster Relief*

Awukho umbuzo wokuthi izimpi, namahemuhemu ezimpi, izingozi ezesabekayo, isomiso sezulu, izikhukhula, iziphepho, ukuzamazama komhlaba, imililo, nezifo ezingelapheki ziyakhula emhlabeni wonke ngesivinini esikhulu-konke kungugcwaliseka kweziprofetho zeBhayibheli esilifundayo. Ngempela, kuzo zonke lezingozi, singahlukanisa ngokukhanyayo amanyathelo kaNkulunkulu ozayo. Izinkulungwane eziningi zihlupheka kakhulu ngobunzima obudlulele, zibiza izinhlobo ezahlukahlukene zosizo ezivela kumanxusa kaJesu Kristu ukusebenzisa ikhambi elipholisayo laseGileyadi.

Ngezinto ezibucayi eziswisa ubuhlungu, iWelfare Department yeGC ithe yabelana ngezibusiso ezinikeziwe ivela esikhwameni sethu ngeminikelo ethunyelwa yini, bazalwane bethu emhlabeni wonke. Lezi zithunyelwa abantu ngabanye nangendlela ekhethekile ukuhlangabezana nezidingo, nangendlela Yomnikelo weSabatha Lokuqala. Bazalwane abathandekayo, iminikelo yenu ithe yasebenza njengesikhuselo kulabo abalahlekelwe ngamakhaya abo ngenxa yezingozi zemvelo; sithe sanikezela ngokudla imindeni eyizinkulungwane, nonakekelo lwezintandane nabafelokazi, ngokwelulela unakekelo nosizo kubo. Leminikelo ithe yasiza abazali ukuthola izimbewu zokuba batshale ukuze bondle imindeni yabo noma amabhizinisi amancane ukuze abantu abambalwa benkolo yethu bangaba nomsuka wengeniso kungenjalo lomsebenzi ozobanzima kubo.

Sibonga uNkulunkulu kulezikhathi zesilingo, abaningi bathe bathinteka ukuba babeke izipho zabo phezu kwe-altare leNkosi. Ngenxa yalabo abasizwayo, siyanibonga kakhulu!
Noma kunjalo, izidingo azipheli-ngokuphambene, ziyakhula kakhulu nsuku zonke, kanjalo-ke nezipho zenu ziyasiza kakhulu.
Isiphambano sikaKristu siyasincenga ukuba sibenesihe kubo bonke abalandeli boMsindisi obusisekile. Isimiso lapha sifanekisa ukuthi yipha, yipha. Lokhu uma kwenziwa ngesihe nangemisebenzi emihle, kuyisithelo seqiniso sokuphila koMkrestu."-*Counsels on Stewardship,* p. 14.

Namuhla, lapho uletha umnikelo weSabatha Lokuqala okhethekile, ngicela wenze konke okusemandleni ukuhlonipha uNkulunkulu. Kungakhathaliseki ukuthi kuncane-noma okuningi, bonke bangenza okusemandleni abo. Kusukela ekuphelelenі kwalolu thando oluhlanganyelwe, sizoqhubeka ukusabalalisa izibusiso kubazalwane bethu emhlabeni wonke. "Lowo opha oswelayo ubusisa abanye, futhi uzibusisa ngokwezinga elikhulu kakhulu" (Ibid. p. 13). Kwangathi uNkulunkulu anganibusisa kakhulu!

*Kwigatsha leWelfare yeGeneral Conference*

# UJesu noNikodemu

**IVESI LEKHANDA: "UJesu waphendula wathi kuye, "Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe, uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone umbuso kaNkulunkulu"(Johane 3:3).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Steps to Christ,* pp. 67-75.

"Umthombo wenhliziyo kufanele uhlanzwe ngaphambi kokuba imifula icwebe. Lowo ozama ukufinyelela ezulwini ngeyakhe imisebenzi ngokugcina umthetho uzama into engenakwenzeka."-*The Desire of Ages,* p. 72.

## 1. UMUNTU OVELELE UFUNA UKUBONA UJESU — NgeSonto, Masingana 26

**a. Ngubani uNikodemu, futhi wayebhekwa kanjani ngabantu-na? Johane 3:1, 10.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"UNikodemu wayephethe isikhundla esiphezulu sokwethembeka esizweni samaJuda. Wayefunde kakhulu, futhi enamathalenta angesona isimilo esijwayelekile, futhi ubeyilunga elihlonishwayo lomkhandlu welizwe…Noma wayecebile, efundile, futhi ehlonishwa, wakhangwa ngendlela eyisimanga uMnazaretha othobekile."-*The Desire of Ages*, p. 167.

"UbenguMfarisi oqinile, futhi ezigabisa ngemisebenzi yakhe emihle. Wayehlonishwa kakhulu ngenxa yobubele bakhe nenkululeko yakhe ekusekeleni inkonzo yasethempelini, futhi wazizwa elondekile emseni kaNkulunkulu."-Ibid., p. 171.

**b. Yiliphi ihora uNikodemu ahamba ukuhlangana noJesu-na? Johane 3:2 (isigaba sokuqala).**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Efunda ngokubuza okukhethekile indawo uMsindisi ayehlala kuyo eNtabeni yeMinqumo, walinda kwaze kwaba yilapho umuzi uthuliswa ubuthongo, wayesemfuna."-Ibid., p. 168.

## 2. UKUKHULUMISANA KWA-NGASESE — NgoMsombuluko, Masingana 27

**a. Kuyini okubonisa ukuqonda okunomusa kukaJesu lapho amukela isivakashi Sakhe ebusuku-na? Amahubo 31:20, 21.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"[UNikodemu] wayefisa kakhulu ukukhulumisana noJesu, kodwa wesaba ukubonana Naye obala. Kwakungukuthotshiswa okukhulu ukuba umbusi wamaJuda avume ngokwakhe ukuzwelana nothishela owayedume kancane. Futhi ukuhambela kwakhe bekuzokwaziwa ngamaSanhedrin, kuzokwenza ukuba adelelwe futhi alahlwe. Wanquma ukukhulumisana naye ngasese, ngezaba zokuthi uma ezohamba obala, abanye hleze balandele isibonelo sakhe."-*The Desire of Ages,* p. 168.

**b. Chaza ukuthi uNikodemu waqala kanjani ingxoxo yakhe noJesu-na? Johane 3:2.**

______________________________________________________________________________

"Phambi kobukhona bukaKristu, uNikodemu wezwa enovalo oluyisimanga, wazama ukulifihla ngaphansi komoya wokuzibamba nangesithunzi. 'Rabbi,' esho, siyazi ukuthi ungumfundisi ovela kuNkulunkulu, ngokuba akakho ongenza lezibonakaliso ozenzayo, uma uNkulunkulu engenaye.' Ekhuluma ngoKristu njengomfundisi onezipho ezingavamile, namandla amangalisayo okwenza izimangaliso, enethemba lokuvula indlela yokukhulumisana naye. Amazwi akhe enzelwa ukugcizelela nokumema isibindi; kodwa ngempela ayegcizelela ukungakholwa. Akazange avume ukuthi uJesu unguMesiya, kodwa kuphela umfundisi othunywe nguNkulunkulu."-Ibid.

**c. Kungamuphi umqondo uKristu amangaza ngawo uNikodemu-na? Johane 3:3.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Esikhundleni sokuqaphela lokhu kubingelela, uJesu wabhekisa amehlo Akhe phezu kwalowo okhulumayo, njengokungathi ufunda umphefumulo wakhe. Ngokuhlakanipha Kwakhe okungapheli wabona phambi kwakhe ofuna iqiniso. Ubenolwazi lwenhloso yokuvakasha kwakhe, futhi enesifiso sokujulisa ukukholelwa osekusele engqondweni yomlaleli, waqonda ngqo ephuzwini, esho ngehliziyo emhlophe, kodwa ngomusa, 'Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe, Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone umbuso kaNkulunkulu.' Johane 3:3, umsikelo.

"UNikodemu wafika eNkosini ecabanga ukungena engxoxweni Naye, kodwa uJesu wembula izimiso eziyisisekelo seqiniso."-Ibid., pp. 168-171.

## 3. UKUZALWA NGOKUSHA **Ngolwesibili, Masingana 28**

**a. UNikodemu waphendula kanjani kulokhu uKristu athi uyakudinga-futhi, njengaye, kungani sonke sidinga amava okuzalwa kabusha-na? Johane 3:4-8.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Umfanekiso wokuzalwa kabusha, lowo uJesu awusebenzisa, wawungajwayelekile neze kuNikodemu. Abaphendukile ukusuka kubuhedeni ukuya kwinkolo yamaIsrayeli babelinganiswa njengabantwana abaqeda kuzalwa. Ngakho-ke ngabe kuzwakala sengathi amazwi kaKristu akufanele amukelwe ngomqondo oqondile. Kodwa ngamandla okuzalwa kwakhe njengoIsrayeli wazibheka ngempela enjengonendawo embusweni kaNkulunkulu. Wazizwa ukuthi akadingi inguquko. Kodwa wamangaliswa amazwi oMsindisi. Akaphathekanga kahle ngolokhuu okuqondiswe kuye. Ukuzigabisa koMfarisi kwaba ngumshikashika emelene nesifiso sokufuna iqiniso. Wamangala ukuthi ukhuluma naye njengoba eNzile, engahloniphi isikhundla sakhe njengombusi wakwaIsrayeli.

"Emangalela ukuziphatha kwakhe, waphendula uKristu ngamazwi agcwele ukubhinqa, 'Umuntu uzalwa kanjani esemdala-na?' njengabaningi uma iqiniso lihlaba ekhaya kunembeza, wembula wokuthi umuntu wemvelo akamukeli izinto zoMoya kaNkulunkulu. Kukhona Kuye okuvuma izinto zesimoya; ngoba izinto zesimoya zihlukaniswa ngomoya.

"Kodwa uJesu akazange ahlangabeze impikiswano ngempikiswano. Ephakamisa isandla Sakhe ngesizotha, ngesithunzi esinokuthula, wacindezela iqiniso ekhaya ngesiqiniseko esikhulu, 'Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe, Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, angengene embusweni kaNkulunkulu."-*The Desire of Ages*, p. 171.

**b. Kunini nakanjani umuntu ngamunye angazalwa kabusha futhi-na? Johane 1:12, 13.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa, 'ukuze umuntu abuyisane noNkulunkulu. Ngenxa yokufaneleka kukaKristu angabuyiselwa kubudlelwano noMdali wakhe. Inhliziyo yakhe kufanele yenziwe ibentsha ngomusa ongcwele; kufanele abe nokuphila okusha okuvela phezulu. Lenguquko ingukuzalwa kabusha, ngaphandle kwalokho, kusho uJesu, 'angeke awubone umbuso kaNkulunkulu.' "-*The Great Controversy,* p. 467.

"Ngenxa yesenzo esilula sokukholelwa kuNkulunkulu, uMoya Ongcwele uthe wazala ukuphila okusha enhliziyweni yakho. Unjengomntwana ozelwe emndenini kaNkulunkulu, futhi uyakuthanda njengoba ethanda iNdodana Yakhe."-*Steps to Christ*, p. 52.

**a. Kuyini okufanekisa ukuhlanzwa nokuvuselelwa okuza ngokuzalwa kabusha-na? Marako 16:16 (isigaba sokuqala)**

_______________________________________________________________________________

"Amandla aguqulayo kaNkulunkulu angaphendula imikhuba ezuzwe njengefa nethe-yahlakulelwa; ngoba inkolo kaJesu iyaphakamisa. 'Ukuzalwa kabusha' kusho ukuguqulwa, ukuzalwa kabusha kuKristu uJesu."-*The Adventist Home,* p. 206.

"UKristu wenza uMbhapathizo waba luphawu lokungena embusweni Wakhe wesimoya. Wenze lesimo sabasihle okumele bonke bahambisane naso abafisa ukuqashelwa njengebangaphansi kwegunya likaYise, iNdodana, noMoya Ongcwele. Ngaphambi kokuba umuntu athole ikhaya ebandleni, ngaphambi kokuba adlule umngcele wombuso kaNkulunkulu wesimoya, kufanele amukele ukugcizelelwa kwegama elingcwele, '*UJehova ungukulunga kwethu.'* Jeremiya 23:6.

"UMbhapathizo kuwukulahla umhlaba ngesizotha esikhulu. Labo abathe babhaphathizwa emagameni amathathu elikaYise, neleNdodana, nelikaMoya Ongcwele, ekuqaleni kokuphila kobuKrestu bamemezela ngokusobala ukuthi bayilahlile inkonzo kaSathane futhi bangamalunga omndeni wasebukhosini, abantwana beNkosi yasezulwini,…'Phumani phakathi kwabo, nahlukane nabo,…'ningathinti okungcolileyo; Futhi lesithembiso sigcwalisekile: 'ngiyakunamukela, ngibe nguYihlo kini, nina nibe ngamadodana namadodakazi kimi, isho iNkosi uSomandla,' 2 Korinte 6:17, 18."-*Testimonies for the Church*, vol. 6, p. 91.

**b. Kuthiwani ngobubi bemvelo yomuntu kanye necebo likaNkulunkulu lokusiguqula-na? Johane 3:6; Jeremiya 17:9; Efesu 5:26, 27.**

_______________________________________________________________________________

"Angeke kwenzeka kithi, ngokwethu, ukuphepha emgodini wesono esishone kuwo. Izinhliziyo zethu zimbi, futhi asikwazi ukuziguqula….Imfundo, isiko, ukusebenzisa intando, umzamo womuntu, zonke zinesikhathi zaso, kodwa lapha azinamandla. Zingaletha ngaphandle ukuziphatha okulungile, kodwa angeke ziguqule inhliziyo; angeke zihlanze imithombo yokuphila. Kufanele kubekhona amandla asebenza ngaphakathi, ukuphila okusha kwaphezulu, ngaphambi kokuba abantu bangaguqulwa esonweni baye ebungcweleni. Lamandla kaKristu. Ngumusa Wakhe ongasheshisa amandla afile omphefumulo, futhi uwadonsele kuNkulunkulu, ebungcweleni."-*Steps to Christ*, p. 18.

## 5. UKUPHILA OKUSHA NEZENZO EZINTSHA — Ngolwesine, Masingana 30

**a. Yimuphi umyalezo abapostoli ababezowubhala kamuva mayelana noshintsho lokuqondisa okuza ngokuzalwa kabusha-na? Galathiya 2:20; 1 Johane 2:2:15-17.**

"Amandla aguqulayo kaNkulunkulu angaphendula imikhuba ezuzwe njengefa nethe-yahlakulelwa; ngoba inkolo kaJesu iyaphakamisa. 'Ukuzalwa kabusha' kusho ukuguqulwa, ukuzalwa kabusha kuKristu uJesu."-*The Adventist Home,* p. 206.

"[UPawule] wavuma ukuthi izingqondo zabantu zingalethwa ekucabangeni ngomhlatshelo owenziwe iNkosi yasezulwini, bonke ubugovu buzoxoshwa ezinhliziyweni zabo. Uqondisa kuqala izingqondo esikhundleni uKristu ayekuso ezulwini, esifubeni sikaBaba Wakhe; wamembula kamuva lapho ebeka phansi inkazimulo Yakhe, ngokuzithandela ezibeke ngaphansi kwezimo zonke ezithobekile zemvelo yomuntu, elinganisa ukuziphendulela kwenceku, futhi walalela kwaze kwaba sekufeni, futhi lokufa okudumaza kakhulu futhi okuphendula izibilini, futhi okuhlazisayo, nokubuhlungu-ukufa kwesiphambano. Akufanele yini amaKrestu azindle ngalombukiso omangalisayo wothando lukaNkulunkulu kumuntu ngaphandle komuzwa wothando nokubona umqondo womcijo wokuthi asibona abethu? INkosi enjalo akufanele yini ukuba akhonzwe ngaphandle kokukhononda, ukuhaha, izisusa zobugovu."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 458.

"Ngizokhuluma nawe njengoba uKristu akhuluma noNikodemu: 'Nimelwe ukuzalwa kabusha.' Labo abanoKristu obusa ngaphakathi kwabo angeke bafise ukulingisa umbukiso welizwe. Bazothwala yonke indawo isilinganiso sesiphambano, belokhu befakazi ngezinjongo eziphakeme nezindikimba ezinhle kunalezo abantu basemhlabeni abagxile kuzo. Ukugqoka kwethu, izindawo zethu zokuhlala, ingxoxo yethu, kufanele kufakazele ukuzinikela kwethu kuNkulunkulu. Yimaphi amandla azobakhona kulabo ababonisa ukuthi balahle konke ngenxa kaKristu."-Ibid., vol. 5, p. 189.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Masingana 31

1. **Ngenxa yemisebenzi yakhe emihle, uNikodemu wayezibheka kanjani-na?**
2. **Ngeyiphi indlela uNikodemu aziphatha ngayo phambi kukaKristu-na?**
3. **Kusho ukuthini "ukuzalwa kabusha"?**
4. **Ukuzalwa kabusha kwenzeka kanjani-na?**
5. **Yiluphi ushintsho kwisimo sengqondo oluza ngenxa yokuzalwa kabusha, nokuthi kungani-na?**

**ISABATHA, NHLOLANJA 8, 2025** **ISIFUNDO 6**

# Ukusebenza koMoya Ongcwele

**IVESI LEKHANDA: "Njengokuba uMose waphakamisa inyoka ehlane, kanjalo iNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswa: ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo abe nokuphila okuphakade" (Johane 3:14, 15).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Christ's Object Lessons,* p. 95-102.

"Bheka, Maye, bheka kuJesu futhi uphile."-*Christian Education,* p. 76.

## 1. UKUKHUTHAZELWA KOKUFUNISISA — NgeSonto, Nhlolanja 2

**a. Yimuphi umbuzo kaNikodemu obonisa ukuthi inhliziyo yakhe yayithambile-na? Johane 3:9.**

______________________________________________________________________

"UJesu ekugcineni wathi kuNikodemu: akusiyo ingxabano ezosiza udaba lwakho: akuzona izimpikiswano ezizoletha ukukhanya emphefumulweni. Kufanele ube nehliziyo entsha, kungenjalo awusoze wakwazi ukuhlukanisa umbuso wezulu. Akubona ubufakazi obukhulu obuzokuletha endaweni efanele, kodwa inhloso entsha, nokuvuka kwezenzo ezintsha, kumele uzalwe kabusha, kuze kube lolushintsho luyenzeka, lwenze zonke izinto zibentsha, ubufakazi obunamandla obungase bethulwe ngeke kube yize. Ukuswela kusenhliziyweni yakho; konke kumele kuguqulwe, uma kungenjalo awusoze wabona umbuso kaNkulunkulu.

"Lokhu bekuyizwi eliluza kakhulu kuNikodemu…Wayengenayo ingqondo eyanele yesimoya ukuba aqonde incazelo yamazwi kaKristu. Kodwa uMsindisi akazange ahlangabeze impikiswano ngempikiswano….

"Okunye ukukhanya okuncane kweqiniso kwangena engqondweni yombusi. Amazwi kaKristu amenza wagcwala ukwesaba, futhi amholela ukuba abuze, 'Lokhu kungenzeka kanjani-na? Ngokugomelela okujulile uJesu waphendula wathi, 'Wena ongumfundisi kaIsrayeli, awukwazi lokhu-na? Amazwi Akhe adlulisela kuNikodemu isifundo sokuthi, esikhundleni sokucasulwa amazwi eqiniso, nokuzitika ngokubhinqa, kufanele abe nombono othobekile kakhulu ngaye, ngenxa yokungazi kwakhe okwesimoya. Nokho amazwi kaKristu akhulunywa ngesizotha esinjalo, futhi kokubili ukubukeka nezwi kwabonisa uthando oluqotho kuye, kangangokuthi akazange acasuke lapho ebona isikhundla sakhe esilulazayo."-*Testimonies to Ministers,* pp. 368, 369.

**a. Yikuphi abaFarisi ababezigqaja ngakho-na? Luka 18:9-12.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"AmaJuda abizelwa kuqala esivinini seNkosi, futhi ngenxa yalokho ayeziqhenya futhi enokulunga okungokwabo. Iminyaka yabo eminingi yenkonzo bayibheka njengenza babe nelungelo lokwamukela umvuzo omkhulu kunabanye. Akukho okwakubathukuthelisa kakhulu nokucasulayo ukuthi abeZizwe bavunyelwe ukuba babe namalungelo alingana nawabo ezintweni zikaNkulunkulu."-*Christ's Object Lessons,* p. 400.

**b. Ngeyiphi indlela uJesu afanekisa ngayo uMoya Ongcwele osebenza enhliziyweni-na? Johane 3:8.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Umoya uzwakala phakathi kwamagathsa emithi, ukuhashaza kwamacembe nezimbali; nokho awubonakali, futhi akukho muntu owaziyo lapho uvela khona nalapho uya khona. Kanjalo nomsebenzi woMoya Ongcwele enhliziyweni. Angeke kuchazwe njengokuhamba komoya. Umuntu angase angakwazi ukusho isikhathi esiqondile noma indawo, noma ukulandelela zonke izimeko zenqubo yokuguqulwa; kodwa lokhu akufakazeli ukuthi akaphendukanga. Ngesithunywa esingabonwa; njengomoya, uKristu uhlala esebenza enhliziyweni."-*The Desire of Ages,* p. 172.

**c. Igxila kanjani imibono yaphezulu enhliziyweni-na? Isaya 30:21; Jeremiya 42:3; Mathewu 16:17.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Kancane kancane, mhlawumbe ngokungazelele kulowo owamukelayo, ukugcizelela okwenziwayo kuvame ukudonsela umphefumulo kuKristu. Lokhu kungazuzwa ngokuzindla Ngaye, ngokufunda iMibhalo Engcwele, noma ngokuzwa kumshumayeli ophilayo. Ngokuzumayo, lapho uMoya uza ngokunxusa okuqondile, umphefumulo uzinikela ngokuthokoza kuJesu. Kwabaningi lokhu bakubiza ngokuthi ukuguquka okuzumayo; kodwa kungumphumela wokuncenga isikhathi eside nguMoya Ongcwele kaNkulunkulu-inqubo enesineke, ethatha isikhathi eside."-Ibid.

"Vumelani izinhliziyo zenu zithanjiswe futhi zithotshiswe uMoya kaNkulunkulu. Makuthi imiphefumulo eboshelwe eqhweni incibilike ngaphansi kokusebenza koMoya Ongcwele."-*Letters and Manuscript,* vol. 12, Letter 53, 1897.

**a. Yembulwa kanjani imisebenzi yangaphakathi yoMoya Ongcwele ngaphandle-na? Galathiya 5:22-25.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Njengoba umoya ungabonwa, kodwa uletha imiphumela ebonakalayo nezwakalayo. Kanjalo umsebenzi woMoya emphefumulwe uzozibonakalisa kwisenzo ngasinye salowo othe wezwa amandla asindisayo. Lapho uMoya kaNkulunkulu uthatha indawo enhliziyweni, uguqula ukuphila. Imicabango yokona iyasuswa, izenzo ezimbi ziyadelwa, izenzo ezimbi ziyalahlwa; uthando, ukuthobeka, futhi ukuthula kuthatha indawo yolaka, umhawu, nombango. Injabulo ithatha indawo yokudabuka, futhi nobuso bubonakalisa ukukhanya kwasezulwini."-*The Desire of Ages,* p. 173.

**b. Umuntu usithola nini isibusiso senguquko-na? Roma 10:9, 10; 1 Johane 1:9.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Akekho obona isandla esiphakamisa umthwalo, noma abheke ukukhanya okwehla kuvela kwizigodlo zaphezulu. Izibusiso ziza uma ngokukholwa umphefumulo uzinikela kuNkulunkulu. Khona-ke lawo mandla angenakubonwa yiso lomuntu adala isidalwa kabusha ngomfanekiso kaNkulunkulu. Ibid.

"Uma unoMoya Ongcwele obumba futhi ulolonge inhliziyo yakho nsuku zonke, kanjalo uzoba nokuqonda kwaphezulu ukuze ubone isimo sombuso kaNkulunkulu. UNikodemu wathola isifundo sikaKristu futhi waba yikholwa leqiniso."-*Testimonies to Ministers,* pp. 369, 370.

**c. UKristu ufanekisa kanjani lenqubo-na? Mathewu 13:33.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Imvubelo efihlwe kufulawa isebenza ngokungabonwa ukuze ifake yonke inhlama ngaphansi kwenqubo yokukubilisa; kanjalo nemvubelo yeqiniso isebenza ngasese, ngokuthula, kancane, ukuguqula umphefumulo. Ukuthambekela kwemvelo kuyathanjiswa futhi kunqotshwe. Imicabango emisha, imizwa emisha, izinhloso ezintsha, ziyangeniswa. Izinga-elisha lesimilo liyamiswa-lokuphila kukaKristu. Ingqondo iguquliwe; kodwa amandla ayavuswa ukuba asebenze emigqeni emisha. Umuntu akaphiwa amandla amasha, kodwa amandla anawo ayangcweliswa. Unembezwa uyavuswa. Siphiwa izimpawu zesimilo lezo ezisenza sikwazi ukusebenzela uNkulunkulu."-*Christ's Object Lessons,* p. 98, 99.

## 4. UMFANEKISO OJWAYELEKILE — Ngolwesithathu, Nhlolanja 5

**a. UJesu wafanekisa kanjani ukubethelwa Kwakhe okwakuzokwenzeka maduze-na. Johane 3:14, 15.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"[UJohane 3:14, 15 ngokuphindwa.] Lapha bekuyindawo uNikodemu ayejwayelene nayo. Uphawu lwenyoka ephakanyisiwe lwenze kwacaca kuye umsebenzi woMsindisi. Ngesikhathi abantu bakwaIsrayeli befa ngenxa yokulunywa izinyoka ezinesihlungu, uNkulunkulu wayala uMose ukuba enze inyoka yethusi, ayibeke endaweni ephakeme phakathi kwebandla. Lase lizwakala kulo lonke ikamu ukuthi bonke abazobheka inyoka bazophulukiswa. Abantu bebazi kahle ukuthi inyoka ngokwayo ayinamandla okubasiza. Bekuluphawu lukaKristu. Njengoba umfanekiso ofana nenyoka ebulalayo waphakanyiswa ukuze baphiliswe, kanjalo Lowo owenziwe 'wafana nenyama yesono' kwakumele abe nguMhlengi wabo. Roma 8:3. AmaIsrayeli amaningi ayebheka inkonzo yemihlatshelo njengenamandla okubakhulula esonweni. UNkulunkulu wayefisa ukubafundisa ukuthi yayingabalulekanga ngaphezu kwenyoka yethusi. Kwakungukuholele izingqondo zabo kuMsindisi. Noma ukwelashwa kwamanxeba noma ukuthethelelwa kwezono zabo, akukho abangakwenza ngaphandle kokukhombisa ukukholwa kwabo kwiSipho sikaNkulunkulu. Kwakufanele babheke futhi baphile."-*The Desire of Ages,* pp. 174, 175.

**b. Naphezu kwamalungiselelo, kungani abanye bafa-na? 1 Korinte 10:9; Heberu 3:12.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"AmaIsrayeli amaningi awalubonanga usizo lwekhambi elalimiswe yiZulu. Abafileyo nabafayo babebazungezile, futhi bebazi ukuthi, ngaphandle kosizo lwaphezulu, isiphetho sabo sasiqinisekile. Kodwa baqhubeka bekhalela amanxeba abo, izinhlungu zabo, ukufa kwabo okuqinisekile, kwaze kwaba yilapho amandla abo ephela, futhi amehlo abo ecwebezela, lapho kungenzeka ukuthi ngabe bathola ukwelashwa ngokushesha."-*Patriachs and Prophets*, p. 432.

**c. Uma sifuna ukusindiswa, kumele sibheke kuphi-na? Heberu 6:19, 20**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Umphumela owesabekayo wesono ungasuswa kuphela ngamalungiselo uNkulunkulu awenzile. AmaIsrayeli asindisa ukuphila kwawo ngokubheka phezu kwenyoka ephakanyisiwe. Lokubheka kusho ukukholwa. Bayaphila ngoba bakholelwa ezwini likaNkulunkulu, nokuthemba izindlela ezinikeziwe ukuze baphile. Kanjalo isoni singabheka kuKristu, futhi siphile. Sithola ukuthethelelwa ngokukholwa kumhlatshelo wenhlawulelo….UKristu unamandla nokulunga okuKuye kokwelapha isoni esiphendukayo."-Ibid., p. 431.

## 5. UKUGCINA AMEHLO ETHU EQAPHILE — Ngolwesine, Nhlolanja 6

**a. Yisiphi isifundo kamuva esaqondwa nguNikodemu okudingeka sisifunde-futhi sihlale sisikhumbula-na? Efesu 2:8; Luka 13:20, 21.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Kuvamile ukuvela kombuzo othi, Kungani-ke, manje, bebaningi kangaka, abathi bayakholwa ezwini likaNkulunkulu, kubona akubonakali inguquko yamazwi, yomoya, nangesimilo-na? Kungani bebaningi kangaka abangakwazi ukubekezela ukuphikiswa kwezinhloso nezinhlelo zabo, ababonisi isimo esihle, futhi amazwi abo alukhuni, anonya, futhi anentshiseko. Kubonakala ekuphileni kwabo umina, ukuzitika okufanayo kobugovu, isimo esifanayo futhi namazwi asheshayo, lawo abonakala kwimpilo yokuthanda ilizwe. Kukhona ukuzigabisa okufanayo okuzwelayo, ukuvumela okufanayo ekuthambekeleni kwemvelo, ukuphambuka okufanayo kwesimilo semvelo, kungathi iqiniso abalazi ngokuphelele. Isizathu ukuthi abaphendukanga. Abafihlanga imvubelo yeqiniso enhliziyweni yabo. Alitholanga ithuba lokwenza umsebenzi walo. Ukuthambekela kwabo imvelo nokuhlakulela imikhuba ekhulisiwe yobubi ayizange inikelwe emandleni aguqulayo. Ukuphila kwabo kubonisa ukusweleka komusa kaKristu, ukungakholwa emandleni Akhe aguqula isimilo.

"'Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa kuvela ngezwi likaNkulunkulu.' Roma 10:17. IMibhalo iyisithunywa esikhulu sokuguqula isimilo. UKristu wakhuleka wathi, 'Bangcwelise ngeqiniso; izwi lakho liyiqiniso.' Johane 17:17. Uma lifundwa futhi lilalelwa, izwi likaNkulunkulu lisebenza enhliziyweni, linqobe lonke ufuzo olungalungile. UMoya Ongcwele uzele ukulahla ngecala isono, nokholo olukhula enhliziyweni lusebenza lusuka othandweni lukaKristu, lusenze sivumelane nomzimba, umphefumulo, nomoya emfanekisweni Wakhe. Khona-ke uNkulunkulu angasisebenzisa ekwenzeni intando Yakhe. Amandla esiphiwe wona asebenza ngaphakathi nangaphandle, ukusiholela ekukhulumeni nabanye iqiniso eladluliselwa kithi."- *Christ's Object Lessons,* pp. 99, 100.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlolanja 7

1. **Yiluphi uphawu oluphakeme lwabaFarisi ezinsukwini zikaKristu-na?**
2. **Chaza ukuthi sizalwa kanjani kabusha sifane noKristu.**
3. **Kubonakala kanjani ukuguqulwa kwenhliziyo-na?**
4. **Chaza uphawu lwenyoka ephakanyisiwe.**
5. **Umfanekiso wemvubelo uveza kanjani ukukhula emseni kaNkulunkulu-na?**

**ISABATHA, NHLOLANJA 15, 2025** **Isifundo 7**

# UJesu noJohane uMbhapathizi

**IVESI LEKHANDA: "Umelwe ukukhula yena, nginciphe mina" (Johane 3:30).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church*, vol. 5, pp. 721-729.

"UJohane uMbhapathizi wamenyezelwa nguMsindisi wethu njengomprofethi omkhulu kunabo bonke. Kodwa yeka umehluko phakathi kolwimi lwalomuntu kaNkulunkulu kanye nabaningi abazishoyo ukuthi bayizikhonzi zesiphambano. Lapho ebuzwa ukuthi ingabe unguKristu, uJohane uthi angifanele ngisho nokukhulula izicathulo zeNkosi yami."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 224.

## 1. INKINGA PHAKATHI KWABAFUNDI — NgeSonto, Nhlolanja 9

**a. Kuphikisana kuni okwavuka phakathi kwabafundi bakaJohane namaJuda-na? Johane 3:25.**

_______________________________________________________________

"Abafundi bakaJohane babheka ngomona ukukhula kokuthandeka kukaJesu. Bema belungele ukugxeka umsebenzi Wakhe, futhi akuphelanga isikhathi ngaphambi kokuba bathole ithuba. Kwaphakama umbuzo phakathi kwabo namaJuda ukuthi ingabe umbhapathizo uyasiza yini ukuhlanza umphefumulo esonweni; bagcina ngokuthi umbhapathizo kaJesu wehluke kakhulu kunoka-Johane. Ngokushesha base bephikisana nabafundi bakaKristu maqondana nesimo samagama okufanele asetshenziswa uma kubhapathizwa, futhi ekugcineni maqondana nelungelo lalabo kamuva bebhapathizwa nhlobo."-*The Desire of Ages,* p. 178.

**b. Abafundi bakaJohane babonisa kanjani umona wabo ngomsebenzi kaKristu, futhi iyiphi impendulo enhle abanikeza yona-na? Johane 3:26, 27.**

"UJohane ngokwemvelo ubenamaphutha nobuthakathaka obuvamile babantu, kodwa ukuthinta kothando olungcwele kuthe kwamguqula. Wayehlala endaweni enomfutho ongangcoliswanga isifiso sobugovu nokufisa izinto ezinkulu, ngaphezu kwalokho inkungu yomona. Akabonisanga uzwelo ngokunganeliseki kwabafundi bakhe, kodwa wabonisa ngokukhanyayo ukuthi uyabazi ubudlelwano bakhe noMesiya, futhi wamukela ngenjabulo Lowo athe wamlungiselela indlela. Ibid. p. 179.

## 2. UMSEBENZI KA-JOHANE NgoMsombuluko, Nhlolanja 10

**a. UJohane wabonisa kanjani ukuthi uyawuqonda umsebenzi wakhe-na? Johane 3:28, 29.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UJohane wazibonakalisa njengomngane owasebenza njengesithunywa phakathi kwamaxuku athembisene, alungiselela indlela yomshado. Lapho umyeni amukele umakoti wakhe, umsebenzi womngane ugcwalisekile. Wajabulela intokozo yalobunye abukhulisile. Kanjalo uJohane wabizelwa ukuqondisa abantu kuJesu, futhi bekuyinjabulo yakhe ukufakazela impumelelo yomsebenzi woMsindisi."-*The Desire of Ages*, p. 179.

**b. Chaza umsebenzi kaJohane-nowethu. Johane 1:23, 29.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Ngokubheka ngokukholwa kuMhlengi, uJohane wenyukela ezingeni lokuzidela. Wayengafuni ukudonsela abantu kuye, kodwa ukuphakamisa imicabango yabo phezulu naphezulu kakhulu, baze baphumule phezu kweWundlu likaNkulunkulu. Yena ubeyizwi nje elimemeza ehlane. Manje ngenjabulo wemukela ukuthula nokusithela angaziwa, ukuze amehlo abo bonke aphendukele ekuKhanyeni kokuphila.

"Labo abaqinisekile kubizo lwabo njengezithunywa zikaNkulunkulu angeke bazifunele udumo ngokwabo. Ukuthanda umina kuzogwinywa uthando lukaKristu. Akukho ukuphikisana okuzongcolisa indlela eyigugu yevangeli. Bazobona ukuthi ngumsebenzi wabo ukulimemezela, njengoba enza uJohane uMbhapathizi, 'Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe.' Johane 1:29. Bazophakamisa uJesu, futhi nabantu bazophakanyiselwa phezulu. 'Ngokuba usho kanje ophakamileyo nophezulu, ohlala kuze kube phakade, ogama lakhe lingoNgcwele, uthi: Ngihlala endaweni ephakemeyo nengcwele, kepha nakuye onomoya ochotshoziweyo nothobekileyo nokuphilisa izinhliziyo zabachotshoziweyo.' Isaya 57:15."-Ibid., pp. 179, 180.

"Ungafuni injabulo okungeyakho nokunethezeka, kodwa funa ukwazi nokwenza intando kaNkulunkulu. Ngamunye makabuze, angikwazi yini ukuqondisa umphefumulo kwiWundlu likaNkulunkulu, elisusa izono zezwe-na? Angikwazi ukududuza yini umuntu odangele-na? Angikwazi yini ukuba yindlela yokusindisa omunye umphefumulo embusweni kaNkulunkulu-na? Sifuna ukunyakaza okujulile koMoya kaNkulunkulu ezinhliziyweni zethu, ukuze singagcini nje ngokuzitholela izingubo ezimhlophe, kodwa ukuthi sibe nomfutho kwabanye ukuze amagama abo alotshwe encwadini yokuphila, futhi angabuye ahlangulwe."-*Historical Sketches,* p. 140.

**a. Iningi labantu lasabela kanjani umyalezo kaKristu-na? Johane 3:32.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Abafundi bakaJohane base bememezela ukuthi bonke abantu beza kuJesu; kodwa ngokuqonda okucacile, uJohane wathi, 'Akekho owamukela ubufakazi Bakhe,' bambalwa kakhulu ababekulungele ukumamukela njengoMsindisi basuke esonweni. 'Kodwa lowo owamukele ubufakazi Bakhe ulubekile uphawu lokuthi uNkulunkulu uqinisile.'Johane 3:33, R.V."-*The Desire of Ages,* p. 181.

**b. Sibekwa phezu kukabani isipho somoya ongcwele -na? Johane 3:34.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Singamukela ukukhanya kwasezulwini kuphela uma sithanda ukuthulula umina. Angeke sihlukanise isimilo sikaNkulunkulu, noma samukele uKristu ngokukholwa, kuphela uma sivuma ukulethwa ebugqilini wonke umcabango ekulaleleni uKristu. Bonke abenza lokhu uMoya Ongcwele unikeziwe ngaphandle kwesilinganiso. Ngokuba 'kuhlala Kuye ngokomzimba ukugcwala konke kobuNkulunkulu, nigcwalisiwe Kuye.' Kolose 2:9, 10, R.V."-Ibid.

**c. Sembulwa kanjani isihluthulelo sokuthola isilinganiso esikhulu somoya ongcwele eMibhalweni-na? Johane 14:15-17; Izenzo 5:32.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Akufanele sithi kuphela, 'Ngiyakholwa,' kodwa singalenzi iqiniso. Kungenxa yokuvumelana nentando kaNkulunkulu ngamazwi ethu, ukuziphatha kwethu, isimilo sethu, esifakazela ukuxhumana kwethu Naye. Noma nini lapho umuntu elahla isono, okungukweqa umthetho, ukuphila Kwakhe kuzolethwa ekuvumelaneni nomthetho, ekulaleleni okupheleleyo. Lona ngumsebenzi woMoya Ongcwele. Ukukhanya okusezwini okuhlolisiswe ngokucophelela, izwi likanembeza, ukulwela koMoya, kuveza enhliziyweni uthando lwangempela ngoKristu, owazinikela ngomhlatshelo ophelele ukuze ahlenge wonke umuntu, umzimba, umphefumulo, nomoya. Futhi uthando lubonakaliswa ngokulalela. Umugqa wokuhlukanisa uzobasobala futhi uhlukanise phakathi kwalabo abathanda uNkulunkulu futhi abagcina umthetho Wakhe, nalabo abangamthandi futhi benganaki izimiso Zakhe."-*Testimonies for the Church*, vol. 6, p. 92.

**a. Kungani kubalulekile ukuqonda isinyathelo esisithathela kuKristu lapho sinquma ukubhapathizwa-na? Johane 3:36.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ngaphandle kukaKristu, ukuBhapathizwa, nganoma ngasiphi isimo senkonzo, kuyize."-*The Desire of Ages,* p. 181.

"Asikho isidingo sokuphikisana ngokuthi ingabe ubhapathizo lukaKristu noma olukaJohane luhlambulula isono. Kungumusa kaKristu onikeza ukuphila emphefumulweni."-Ibid.

"Ukungafi kungatholakala ngoKristu kuphela. Kusho uJesu: 'Okholwa yiNdodana unokuphila okuphakade; kepha ongakholwa yiNdodana kayikubona ukuphila, kodwa intukuthelo kaNkulunkulu ihlezi phezu kwakhe.' Johane 3:36. Wonke umuntu angaba nalesi sibusiso esingenakuqhathaniswa uma ezovumelana nemibandela. Bonke 'abafuna ngokukhuthazela ekwenzeni okuhle inkazimulo nodumo nokungabhubhi bazothola 'ukuphila okuphakade.' Roma 2:7."-*The Desire of Ages,* p. 533.

"UMbhapathizo kuwukulahla umhlaba ngesizotha esikhulu. Labo abathe babhaphathizwa emagameni amathathu elikaYise, neleNdodana, nelikaMoya Ongcwele, ekuqaleni kokuphila kobuKrestu bamemezela ngokusobala ukuthi bayilahlile inkonzo kaSathane futhi bangamalunga omndeni wasebukhosini, abantwana beNkosi yasezulwini."-*Testimonies for the Church,* vol. *6,* p. 91.

**b. Chaza amazwi ashaqisayo kaJohane uMbhapathizi aveza ukujula kokuzibophezela empilweni ngempela ebonakaliswa ngokubhapathiswa-na? Luka 3:7, 8.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UJohane wabeka imbazo empandeni yomuthi. Wakhuza isono, engesabi imiphumela, futhi walungisela indlela yeWundlu likaNkulunkulu.

"UHerode wathinteka njengoba elalele ngamandla, ubufakazi obuqondile bukaJohane, futhi ngentakazelelo ejulile wabuza ukuthi kuyini okumele akwenze ukuze abe ngumfundi wakhe. UJohane wayenolwazi lweqiniso lokuthi wayezoshada unkosikazi womfowabo, umyeni wakhe esaphila, futhi ngokuthembeka watshela uHerode ukuthi lokhu kwakungekho emthethweni."-*Early Writings,* p. 154.

"UJohane uMbhapathizi wahlangabezana nesono ngokusikhuza okusobala kubantu abasebenza ngokuzithoba kanye namadoda asezingeni eliphezulu. Wamemezela iqiniso kumakhosi nezikhulu, ukuthi bayalizwa noma bayalenqabe. Wakhuluma mathupha futhi engagwegwesi."-*Selected Messages,* bk. 2, p. 149.

## 5. INDLELA YOKWENZA EHLAKANIPHILE — Ngolwesine, Nhlolanja 13

**a. Lapho bebona ukuthi abaFarisi babezama ukudala inxabano phakathi kukaJohane naye ukuthi kuyini uJesu akwenzayo-na? Johane 4:1-3.**

______________________________________________________________________________

"UJesu ubazi lokuthi [abaFarisi] angeke benza umzamo wokudala ukwahlukana phakathi kwabafundi Bakhe nalabo bakaJohane. Ubazi ukuthi isivunguvungu sasibuthana esasizokhukhula omunye wabaprofethi abakhulu kunabo bonke abake banikezwa emhlabeni. Efisa ukugwema ngezikhathi zonke ukungezwani noma ukungavumelani, wayiyeka ngokuthula imisebenzi Yakhe, wamuka waya eGalile. Nathi, ngesikhathi sithembekile eqinisweni, kufanele sizame ukugwema konke lokhu okuholela ekungazwanini nokungaqondi. Noma nini lapho lezi zivela, umphumela uba ukulahleka kwemiphefumulo. Noma nini lapho kuvela izimo ezisongela noma ezibanga ukwehlukana, kufanele silandele isibonelo sikaJesu nesikaJohane uMbhapathizi."-*The Desire of Ages,* p. 181.

**b. Kuyini okufanele sikufunde ngesimo sengqondo kaJohane sokudambisa isimo esibucayi-na? Johane 3:30.**

______________________________________________________________________________

"NjengoJohane uMbhapathizi, abaningi bacabanga ukuthi impumelelo yomsebenzi yencike kwisisebenzi sokuqala. Ukunaka kugxile kumuntu esikhundleni sobungcwele, umona uyangena, futhi umsebenzi kaNkulunkulu uyonakaliswa. Lowo ohlonishwa ngokungafanele uyalingeka ukuba abe nokuzethemba. Akaboni ukwencika kwakhe kuNkulunkulu. Abantu bafundiswa ukwencika kumuntu ukuze bathole ukuqondiswa, futhi kanjalo bawela emaphutheni, futhi basuswa kuNkulunkulu.

"Umsebenzi kaNkulunkulu akufanele uthwale umfanekiso womuntu. Izikhathi ngokulandelana kwazo iNkosi izothumela izithunywa ezihlukile, ngalowo onhloso Yakhe ingagcwaliseka ngokufanele. Bayathokoza labo abathanda ukuba umina athotshiswe, kusho uJohane uMbhapathizi, Kufanele akhule Yena, nginciphe mina."-Ibid., p. 182.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlolanja 14

1. **Kungani abafundi bakaJohane baba nomona ngomsebenzi kaKristu-na?**
2. **Kuyini uJohane akusho kubafundi bakhe-na?**
3. **Kungayiphi inhloso isipho soMoya Ongcwele sinikezwa sona-na?**
4. **Umbhapathizo ufeza kanjani injongo yawo yangempela-na?**
5. **Kuyini uJesu noJohane abakwenza lapho bebona ingozi yengxabano phakathi kwabafundi babo-na?**

# UJesu Nowesifazane waseSamariya

**IVESI LEKHANDA: "Kepha lowo oyakuphuza amanzi engiyakumnika wona kasayikoma naphakade; kepha amanzi engiyakumnika wona, phakathi kwakhe ayakuba ngumthombo wamanzi aphuphumayo, kube ngukuphila okuphakade." (Johane 4:14).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol*,* 4*,* pp. 384-387.

"Lowo ofuna ukucima ukoma emthonjeni walelizwe uphuzela ukuba ome futhi. Yonke indawo abantu abaneliseki. Balangazelela okuthize okuzonelisa isidingo somphefumulo. Munye kuphela ongahlangabezana nalokhu kuswela. Isidingo somhlaba, 'Isifiso sezizwe zonke,' nguKristu."-*The Desire of Ages,* p. 187.

## 1. UJESU ESE-SIKHARI **NgeSonto, Nhlolanja 16**

**a. Esendleleni eya eGalile, kukuphi lapho uJesu nabafundi Bakhe bamisa khona-na? Johane 4:6.**

____________________________________________________________________________

"Lapho uJesu ehlezi ngasemthonjeni, wayediniwe ngenxa yendlala futhi omile. Uhambo kusukela ekuseni lwalulude kakhulu, futhi manje ilanga lasemini lehlela phezu Kwakhe. Ukoma Kwakhe kwandiswa umcabango wamanzi apholile, aqabulayo aseduze, nokho engakwazi ukuwakha; ngoba wayengenayo intambo noma imbiza yamanzi, lomthombo wawujulile. Okuqondene nomuntu kungo-Kwakhe, kanjalo walinda omunye ukuba awadonse."-*The Desire of Ages,* p. 183.

**b. Ngubani oweza emthonjeni, futhi sicelo sini uJesu asiletha kuye-futhi singafundani kulokhu-na? Johane 4:7.**

____________________________________________________________________________

"Inzondo ebikhona phakathi kwamaJuda namaSamariya yavimbela lowo owesifazane ekwenzeni umusa kuJesu; kodwa uMsindisi wayefuna ukuthola isihluthelelo kulenhliziyo, futhi ngesu lokungacunuki lothando lozalo olungcwele, Wacela, kungesikho ukunikeza umusa, isipho somusa sasingase sinqatshwe, kodwa ukwethenjwa kwavusa ukwethenjwa. Inkosi yezulu yeza kulomphefumulo oxoshiweyo, ecela inkonzo kuye. Yena owenza ulwandle, olawula amanzi otwa olukhulu, owavula imithombo nemisele yomhlaba, waphumula

ekukhathaleni Kwakhe ngasemthonjeni kaJakobe, wencika emseni kowezizwe ukuze amnike isiphuzo samanzi."- Ibid., p. 184.

## 2. UHLOBO OLUHLUKILE LWAMANZI — NgoMsombuluko, Nhlolanja 17

**a. UJesu wabiza kanjani ukunaka kowesifazane isipho sensindiso-na? Johane 4:10.**

____________________________________________________________________________

"Amanzi uKiristu ayekhuluma ngawo angukukwembulwa komusa Wakhe ezwini Lakhe; uMoya Wakhe, imfundiso Yakhe, zingumthombo owenelisayo kuyo yonke imiphefumulo. Yonke eminye imithombo abazophendukela kuyo izobonakala ingagculisi. Kodwa igama elithi iqiniso linjengemithombo ephilile, efaniswa njengemithombo yamanzi aseLebanoni, kaningi ahlala enelisa. KuKristu kukhona ukugcwala kwenjabulo kuze kube phakade."-*Testimonies to Ministers*, p. 390.

**b. Yaba yini impendulo yowesifazane ngesipho sikaKristu-na? Johane 4:11, 12.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ukuqonda kowesifazane akuzange kuzwisise incazelo kaKristu; wayecabanga ukuthi ukhuluma ngomthombo ophambi kwabo."-*The Spirit of Prophecy,* vol. 2, pp. 140, 141.

**c. UJesu wahlukanisa kanjani uhlobo olulodwa lwamanzi kolunye–futhi lomyalezo kufanele usibusise kanjani, nathina-na? Johane 4:13, 14; Isambulo 22:17.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Kufanele sithokozele uthando futhi sibonge, kufanele sibheke kuJesu futhi siguqulelwe emfanekisweni Wakhe. Umphumela walentando uzokhulisa isibindi, ithemba, ukubekezela, nenhliziyo. Sizophuza amanzi okuphila lawo uKristu akhuluma ngawo kowesifazane waseSamariya. Wathi: 'uma ubusazi isipho sikaNkulunkulu, nokuthi ngubani othi kuwe, Ngiphuzise; nga ucela kuye, yena nga ekunikile amanzi aphilayo…Kepha yilowo oyakuphuza amanzi engiyakumnika wona kasayikoma naphakade; kodwa amanzi engiyakumnika wona ayakuba ngumthombo wamanzi aphuphumayo, kube ngukuphila okuphakade.' Lamanzi afanekisa ukuphila kukaKristu, wonke umphefumulo kumele ubenawo ngokuba nokuxhumana okuphilayo noNkulunkulu. Ebusisiwe, ethobekile, isibindi esibongayo sizoba isimiso esihlalayo emphefumulweni. Ukwesaba okungenakholo kuzosuswa phambi kokholo oluphilayo. Sizozindla ngesimilo Sakhe lowo owasithanda kuqala."-*Testimonies to Ministers*, p. 226.

**a. Owesifazane waseSamariya wabonisa kanjani ukuthi akawaqondi amazwi kaKristu-na? Johane 4:15.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Umusa ongcwele okuNguyena kuphela angawudlulisela, angamanzi aphilayo, ahlanzayo, aqabulayo, futhi anika amandla umzimba.

"UJesu azange anikeze umcabango wokuthi inxenye eyodwa nje yamanzi okuphila izolingana lowo owamukelayo. Lowo onambitha uthando lukaKristu uzohlala elangazelela okwengeziwe; kodwa akafuni lutho olunye. Ingcebo, udumo, nokuzijabulisa kwezwe akumthathekisi. Ukukhala njalo kwenhliziyo yakhe ukuthi, Okuningi Kwakho. Futhi Lowo owembulela umphefumulo isidingo sawo ulindele ukwenelisa ukulamba nokoma kwawo. Zonke izisetshenziswa zomuntu nokuncika kuzohluleka. Isitsha sizothulula okungaphakathi, imithombo ishe, kodwa uMhlengi wethu umgumthombo ongenakuphela. Singase siphuze, siphuze futhi, futhi sihlale sithola njalo ukudla okusha. Lowo uKristu ahlala kuye phakathi kwakhe kukhona umthombo wesibusiso-umthombo wamanzi ophuphumela ekuphileni okuphakade.' Kulomthombo angathola amandla nomusa owanele zonke izidingo zakhe."-*The Desire of Ages,* p. 187.

**b. Njengowesifazane waseSamariya nezihambi ehlane ngesikhathi sofuduko (Eksodusi), kwenzeka kanjani ukuba sihluleke ukuqaphela umusa omangalisayo ogeleza uvela kuKristu-na? Amahubo 78:15, 16, 19, 20 (isigaba sokuqala); 114:7, 8.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"UMose walishaya idwala, kodwa bekuyiNdodana kaNkulunkulu, embozekile ensikeni yefu, yema eceleni kukaMose, futhi yabangela amanzi anikeza ukuphila ukuba ageleze. Kungesiye uMose nabadala kuphela, kodwa ibandla lonke elalimi kude, labona inkazimulo yeNkosi; kodwa uma ngabe ifu lithe lasuswa, ngabe babulawa inkazimulo Yakhe esabekayo ehlalayo."-*Patriachs and Prophets,* p. 298.

"Ukubakhona komusa kaKristu ezwini Lakhe kukhuluma njalo nomphefumulo, kufana nomthombo wamanzi aphilayo ukuze aqabule umphefumulo owomile. Kuyilungelo lethu ukuba noMsindisi ophilayo, nohlala njalo. Ungumthombo wamandla esimoya atshalwe kithi, futhi umfutho Wakhe ufinyelela kude ngamazwi nangezenzo, uqabula wonke umfutho ongaphakathi kwethu, ukuveza kubo ukulangazela nezifiso zamandla okuhlanzeka, ubungcwele nokuthula, futhi nenjabulo engalethi usizi phakathi kwayo. Lokhu kungumphumela woMsindisi ohlala ngaphakathi."-*Testimonies to Ministers,* p. 390.

## 4. UJESU UQALA UKUDALULA UBUYENA — Ngolwesithathu, Nhlolanja 19

**a. Isiphi isihloko esisha uJesu asethula engxoxweni Yakhe nowesifazane waseSamariya, futhi wasabela kanjani-na? Johane 4:16, 17 (isigaba sokuqala).**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UJesu manje wayiguqula ingxoxo kungazelelwe. Ngaphambi kokuba lomphefumulo uthole isipho alangazelela ukumupha sona. Kufanele alethwe ukuze abone isono sakhe noMsindisi Wakhe. 'Wathi kuye,' Hamba, ubize indoda yakho, uze nayo lapha.' Waphendula wathi, 'Anginandoda.' Kanjalo wayenethemba lokuvimbela yonke imibuzo ngaleyo ndlela."-*The Desire of Ages,* p. 187.

**b. UJesu wenezela kanjani kwimpendulo yakhe-futhi lokhu kusikhumbuzani ngakho konke lokhu akwaziyo ngathi sonke-na? Johane 4:17 (isigaba sokugcina), 18; Amahubo 139:8, 11, 12.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ubukhulu bukaNkulunkulu kithina abuzwisiseki. 'UJehova usethempelini Lakhe' (Amahubo 11:4); kodwa ngoMoya wakhe ukhona yonke indawo. Unolwazi olujulile, nentakazelelo yobuntu Bakhe, kuyo yonke imisebenzi yezandla Zakhe."-*Education*, p. 132.

"Izingelosi zaseZulwini zihlola umsebenzi obekwe ezandleni zethu; futhi lapho kube nokuchezuka ezimisweni zeqiniso, 'ubulula' bubhaliwe ezincwadini."-*Child Guidance,* p. 155.

"Umthetho kaNkulunkulu ufinyelela kwimizwa nokuqondiwe, ngokufanayo nezenzo zangaphandle. Wembula izimfihlakalo zenhliziyo, ukubenyezela kokukhanya phezu kwezinto ebezingcwatshwe ebumnyameni. UNkulunkulu wazi yonke imicabango yethu, konke okuhlosiwe, wonke amacebo, konke okuqondiwe. Izincwadi zezulu zibhala izono engabe zenziwe uma ithuba belivuma. UNkulunkulu uzoletha wonke umsebenzi ekwahluleleni, nazo zonke izinto ezifihliweyo. Ngomthetho Wakhe ulinganisa isimilo somuntu ngamunye. Njengoba umdwebi edlulisela kucanvasi izimpawu zobuso ukuze izimpawu zomlingisi ngamunye zidluliselwe ezincwadini zezulu. UNkulunkulu unomuntu othwebula izithombe zezimilo zonke zabantu, futhi lomthwebuli uzilinganisa nomthetho Wakhe. Wembula kumuntu izici ezingcolisa ukuphila kwakhe, futhi abize kuye inguquko ashiye isono."-*SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 5, p. 1085.

## 5. UJESU UZEMBULA NJENGOMSINDISI — Ngolwesine, Nhlolanja 20

**a. Kuyini owesifazane emthonjeni ekugcineni ayiqonda ngoJesu-na? Johane 4:19. Ingabe lokhu kwakanele ukuqashelwa-na?**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"Umlaleli ethuthumela. Isandla esingaqondakali sasiphenya amakhasi omlando wonke wokuphila kwakhe, siveza lokho ayenethemba lokukufihla kuze kube phakade. Ngubani Lowo okwazi ukufunda izimfihlo zokuphila kwakhe-na? Kwafika emicabangweni yakhe iphakade, uKwahlulela okuzayo, lapho konke okufihliwe manje kuzokwembulwa. Ekukhanyeni kwawo, unembeza wavuswa.

"Akukho ayengakuphika; kodwa wazama ukubalekela isihloko okukhulunywa ngaso esingamukeleki. Ngokuzithoba okukhulu, wathi, 'Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi wena.' Ngakho-ke, ezama ukuthulisa ukulahlwa yicala, waphendukela ezindabeni zempikiswano yezenkolo. Uma kungumprofethi, impela angamyala maqondana nalezozindaba okukade kuphikiswana ngazo."-*The Desire of Ages,* p. 187, 188.

**b. Lapho owesifazane ebonisa ithemba ngokufika kukaMesiya, uJesu wathini kuye-na? Johane 4:25, 26.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"Isimemo sevangeli akufanele sincishiselwe phansi, masingalethwa kwabambalwa abakhethekile, labo, esicabanga ukuthi, bazosipha udumo uma belamukela. Isigijimi kumele sinikezwe bonke. Nakuphi lapho izinhliziyo zivulekele ukwamukela iqiniso, uKristu ulungele ukubafundisa. Wembula kubo uBaba, futhi inkonzo iyamukelwa Kulowo ofunda inhliziyo. Kwabanjalo akasebenzisi umfanekiso. Kubona, njengowesifazane emthonjeni, Uthi, 'Nginguye Mina engikhuluma nawe.'"-*The Desire of Ages,* p. 194.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlolanja 21

1. **Kungani uJesu angazange enza isimangaliso ngenxa Yakhe-na?**
2. **Kuyini uJesu akusebenzisa ukuholela owesifaza waseSamariya evangelini-na?**
3. **Yathini iNkosi maqondana namanzi okuphila-na?**
4. **Kungani uKristu aphawula ngempilo yowesifazane waseSamariya-na?**
5. **Yisho isithembiso esihlangene nokuza kukaMesiya.**

# UMNIKELO WESABATHA LOKUQALA

ISabatha, Ndasa 1, 2025

**"Isimilo Sezingane"**
**Isigungu Semfundo eRomania**

"Imfundo yokuqala yabasha ngokuvamile ilolonga izimilo zempilo yabo yonke."-*Evangelism,* p. 583.

Ukuphefumulelwa kusitshela amava akhuthazayo lapho "imihlangano yabantwana, noma inkulisa yeBhayibheli, yenza umsebenzi omuhle. Izifundo ezinikezwayo ziphindwaphindwa ngabantwana emakhaya azo, futhi omama babonisa intakazelelo ngokulungiselela abantwana isikolo ngobunono. Iningi labantwana abazali babo ababona abenkolo yethu."-*Education,* p. 583.

I "Children of Character" Indawo yokufundisa eyamiswa ngonyaka ka2019 endaweni yase-Fagaras, idolobha eligcwele izintaba eRomania. Abantwana abaphakathi kweminyaka engu 2 ukuya ku 5 bathuthuka kahle lapha. Ngokwengeza ngokuya ngeminyaka okwenziwayo kukhethekile, bafunda izimbali zeBhayibheli, bayakhuleka, bayacula ukwenza uNkulunkulu umngane wabo. Njengoba bebancane kangaka, bazwisisa ukuthi nguNkulunkulu olawulayo futhi bafunda ukucela Kuye usizo ngezinkinga zabo. Izimilo zabo ziyakheka nsuku zonke. Ngomusa kaNkulunkulu singabona inguquko emangalisayo ekuphileni kwabantwana abancane. Ngoba ikusasa labo, singathanda ukufundisa labo isimo sabo sezinto ezibonakalayo esingakuvumeli lokho.

Onyakeni wokuqala saqala sinabantwana abangu 12; ngonyaka wesine sasinabantwana abangu 32, abangu 31 bavela ngaphandle kwebandla. Okwamanje, okwenziwayo kwenzeka emagumbini amane anikezwe iRomanian Union headquarters, kodwa lamakamelo afakazela ukuthi aminyene njengoba izicelo zokubhalisa zingaphezu kwendawo esinayo. Ngalokhu, siyaqonda ukuthi uNkulunkulu uyathanda ukuba siqhubekele phambili sikhulise lomsebenzi omangalisayo nokuthi sixhumane nabantwana abaningi nemindeni yabo ngokungenzeka. Ngakho-ke, ngonyaka ka 2021, isiqephu esincane somhlaba sathengwa ngaphandle kwedolobha sathola nemvumo edingekayo yokuba singaqala ukwakha. Manje isisekelo sesibekiwe. Sibonga kakhulu uNkulunkulu ngokuthinta izinhliziyo zenu-kulabo abathe baxhasa lomsebenzi uze ufinyelele lapha nalabo kini abazonikela ngesihle manje. Ngesipho sakho, uzobe upha abantwana abangamazi uNkulunkulu ithuba lokusondela Kuye bamukele imfundo yobuKrestu. Siyacela ngomusa futhi siyethemba angeke nihlale ninganaki, kodwa nizosixhasa ukuze lomsebenzi ube yimpumelelo ekugcineni futhi nisithwale ngemikhuleko yenu.

*Abazalwane nodade abavela kwi-Union yaseRomania*

# Ukuzalwa Komvangeli

**IVESI LEKHANDA: "Anisho yini ukuthi izinyanga zisezine kufike ukuvuna-na? Bhekani, ngithi kini: Phakmisani amehlo enu, nibone ukuthi amasimu asemhlophe, aselungele ukuvunwa" (Johane 4:35).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 182-187.

"UJesu wayeseqalile ukudiliza udonga oluhlukanisa amaJuda nabeZizwe, futhi washumayela insindiso emhlabeni. Noma engumJuda, wazihlanganisa ngokukhululeka namaSamariya, eshaya ize imikhuba yabaFarisi besizwe Sakhe."-*The Desire of Ages,* p. 193.

## 1. UKUPHILA OKUSHA, IMIGOMO EMISHA — NgeSonto, Nhlolanja 23

**a. Lapho evuma uJesu njengoMesiya, owesifazane waseSamariya kuyini akwenza ngokushesha-na? Johane 4:28, 29.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Owesifazane wayegcwele injabulo lapho elalela amazwi kaKristu. Isambulo esimangalisayo sasicishe sibe namandla. Eshiya imbiza yamanzi, wabuyela emzini, ukuze ahambise isigijimi kwabanye. UJesu ubesazi isizathu sokuhamba kwakhe. Eshiya imbiza yakhe yamanzi engananazi ngomphumela wamazwi Akhe. Bekuyisifiso esiqotho somphefumulo wakhe ukuthola amanzi okuphila; wakhohlwa umsebenzi wakhe emthonjeni, futhi wakhohlwa ukoma koMsindisi, lokho ayehlose ukumnika wona. Ngenhliziyo ephuphuma injabulo, waphuthuma indlela yakhe, ukuze abele abanye ukukhanya okuyigugu akutholile."-*The Desire of Ages,* p. 191.

**b. Abakhileyo eSikhari kuyini abakwenza uma bezwa ubufakazi bomuntu wakubo-na? Johane 4:30.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Amazwi [owesifazane] athinta izinhliziyo zabo. Kwakukhona ukubukeka okusha ebusweni bakhe, ushintsho olubonakala kukho konke okwakhe. Baba nentakazelelo yokubona uJesu."-Ibid.

**a. Lapho uJesu ebona izakhamuzi zaseSikhari ziza, wathini kubafundi Bakhe-na? Johane 4:35-38.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"'Ovunayo, Esho, 'wamukeliswa umvuzo, abuthe isithelo kube ngukuphila okuphakade: ukuba ohlwanyelayo athokoze kanye novunayo. Futhi kulokhu lelizwi liqinisile, Omunye uyahlwanyela, omunye uyavuna.' Lapha uKristu ukhomba inkonzo engcwele eyisikweletu kuNkulunkulu kulabo abamukela ivangeli. Bayakuba yizithunywa Zakhe eziphilayo. Udinga inkonzo yabo ngabanye. Noma sivuna, sisebenzela uNkulunkulu. Omunye uhlakaza imbewu; omunye uyabutha ngesikhathi sokuvuna, nomhlwanyeli bobabili bamukela inkokhelo. Bajabula kanye kanye ngomvuzo womsebenzi wabo."-*The Desire of Ages,* p. 191, 192.

**b. Waba yini umphumela wobufakazi bowesifazane ngoKristu-futhi kuyini esingakufunda ngomthelela owaba nawo-na? Johane 4:39.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Uma sihlangene noKristu, sinomqondo kaKristu. Ukuhlanzeka nothando kukhanya esimilweni, ukuthobeka neqiniso kulawula ukuphila. Ukubonakala kobuso kuyaguqulwa. UKristu ohlala emphefumulweni ucindezele amandla aguqulayo, ukubonakala kwangaphandle kuthwala ubufakazi bokuthula nenjabulo ebusa ngaphakathi. Siphuza uthando lukaKristu, njengegatsha elidonsa ukudla kwalo emvinini. Uma sihlumelele kuKristu, uma umucu nomucu uhlangana noMvini Ophilayo, sizonikeza ubufakazi bomcijo ngokuthwala ihlukuzo elinothile lesithelo esiphilayo. Uma sixhumene nokuKhanya, sizoba yimizila yokukhanya, futhi ngamazwi ethu nezenzo sizobonakalisa ukukhanya emhlabeni….

"Ngokubheka siyaguqulwa; futhi njengoba sizindla ngokupheleliswa koMfanekiso ongcwele, sizofisa ukuguqulwa ngokugcwele, futhi senziwe basha ngomfanekiso wokuhlanzeka Kwakhe. Kungenxa yokukholwa eNdodaneni kaNkulunkulu lapho ukuguquka kwesimilo kwenzeka khona, futhi umntwana wolaka uba ngumntwana kaNkulunkulu. Uyadlula ekufeni angene ekuphileni; uba semoyeni wokuhlukanisa izinto zesimoya. Ukuhlakanipha kukaNkulunkulu kukhanyisa ingqondo yakhe, futhi ubona izinto ezimangalisayo zomthetho Wakhe. Njengoba umuntu eguqulwa ngeqiniso, umsebenzi wokuqula isimilo uyaqhubeka."-*Selected Messages,* bk. 1, pp. 337, 338.

## 3. UBUKHONA BUKA-JESU ESAMARIYA — Ngolwesibili, Nhlolanja 25

**a. Yisiphi isicelo amaSamariya asenza kuJesu-futhi kungani-na? Johane 4:40.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

**b. Chaza umphumela wesikhathi sikaKristu eSamariya. Johane 4:41.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Ngamazwi akhulunywa kowesifazane emthonjeni, imbewu enhle ithe yahlanyelwa, futhi isivuno satholakala ngokushesha. AmaSamariya eza futhi alalela uJesu, futhi bakholwa Nguye. Bemzungezile ngasemthonjeni, baletha Kuye imibuzo, bamukela ngokulangazela ukucacisa Kwakhe izinto eziningi ebezingaqondakali kubo. Njengoba belalele, ukudideka kwabo kwaqala kwakhanya endleleni. Bebenjengabantu abasebumnyameni obukhulu befuna umsebe wokukhanya masinyane baze baluthola usuku. Kodwa babengeliswa ukuxoxisana lokhu okuncane. Babefuna ukuzwa okunye, nokuthi abangane babo nabo balalele lothishela omangalisayo. Bammemela emzini wabo, bemncenga ukuba ahlale nabo. Izinsuku ezimbili wahlala eSamariya, abaningi bakholwa Nguye."-*The Desire of Ages,* p. 192.

"UKristu wembulela abaFundi Bakhe uNkulunkulu ngendlela eyenza umsebenzi okhethekile ezinhliziyweni zabo, njengalokhu kuyisikhathi eside enxusa ukuba simvumele ukuba awenze ezinhliziyweni zethu. Kukhona abaningi abathi, ngokuhlala kakhulu phezu komcabango, balahlekelwe umbono wamandla aphilayo esibonelo soMsindisi. Balahlekelwe umbono Wakhe njengesisebenzi esizithobile, esizincishayo. Abakudingayo ukuba babheke uJesu. Nsuku zonke sidinga ukwembulwa okusha kobukhona Bakhe."-*Reflecting Christ,* p. 302.

**c. Kuyini okwashiwo ngamaSamariya amaningi emva kokwamukela uJesu njengoMesiya-na? Johane 4:42.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"AbaFarisi babedelela ubulula bukaJesu. Babenganaki izimangaliso Zakhe, futhi babefuna isibonakaliso sokuthi uyiNdodana kaNkulunkulu. Kodwa amaSamariya awafunanga isibonakaliso, futhi uJesu akenzanga isimangaliso phakathi kwabo, wagcina ngokudalula izimfihlo zokuphila kwakhe kowesifazane osemthonjeni. Kodwa abaningi bamamukela. Ngenjabulo yabo entsha bathi kowesifazane, 'manje asisakholwa, ngokulanda kwakho nje: ngokuba sesizizwele ngokwethu, siyazi ukuthi Lo ngempela unguKristu, UMsindisi welizwe."-*The Desire of Ages,* p. 192, 193.

## 4. AMANDLA ESIPROFETHO — Ngolwesithathu, Nhlolanja 26

**a. Yisiphi isiprofetho amaSamariya asekela ukholo lwawo kuMesiya othenjisiweyo-na? Genesis 49:10.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"AmaSamariya ayekholelwa ukuthi uMesiya uzofika njengoMhlengi, kungesiye wamaJuda kuphela, kodwa womhlaba wonke. UMoya Ongcwele ngoMose wabikezela Ngaye njengomprofethi othunywe nguNkulunkulu. NgoJakobe kuthe kwamenyezelwa ukuthi kufanele kube Kuye ukubuthwa kwabantu; futhi ngoAbrahama, ukuze izizwe zonke zomhlaba zibusiswe Ngaye. Ngalemibhalo abantu baseSamariya basekela ukholo lwabo kuMesiya. Umcijo wokuthi amaJuda aphendukezele ngokungeyikho iziprofetho zakamuva, ezikhomba ukubonakala kokuqala kwenkazimulo yokubuya kwesibili kukaKristu, kwaholela amaSamariya ukuba alahle yonke imibhalo engcwele ngaphandle kwaleyo eyanikezwa nguMose. Kodwa lapho uMsindisi esusa izincazelo ezingamanga, abaningi bamukela iziprofetho zakamuva kanye namazwi kaKristu ngoKwakhe maqondana nombuso kaNkulunkulu."-*The Desire of Ages,* p. 193.

**b. Kuyini esingayifunda namuhla ngomcijo wokuthi amaSamariya ayevulekele ngendlela emangalisayo eqinisweni-na? Umshumayeli 11:4, 5.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Emhlabeni wonke abesilisa nabesifazane babheka ngokulangazela izulu. Imikhuleko nezinyembezi kanye nemibuzo ekhuphukela phezulu isuka emiphefumulweni elangazela ukukhanya, umusa, ngoMoya Ongcwele. Abaningi basemngceleni wombuso, balindele kuphela ukungeniswa ngaphakathi."-*The Acts of the Apostles,* p. 109.

**c. Abantu baba yini uma bemukela uKristu ngokweqiniso-na? Nikeza izibonelo. Marako 5:18-20; 7:31-37.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"UMoya [kaKristu] uzothuthukisa kumuntu konke okuzokwenza isimilo sibe nesithunzi semvelo. Uzokwakha umuntu ngokwenkazimulo kaNkulunkulu ngokomzimba umphefumulo nomoya….futhi imiphefumulo eyonakaliswe yaphenduka amathulusi kaSathane isekhona ngenxa yamandla kaKristu futhi yaguqulwa yaba yizithunywa zokulunga, futhi yathunywa yiNdodana kaNkulunkulu ukuba ikhulume 'izinto ezinkulu iNkosi ebenzele zona, futhi ibenozwelo kuwe."-*The Desire of Ages,* p. 341.

## 5. ABAVANGELI ABANGAMAKRESTU — Ngolwesine, Nhlolanja 27

**a. Yiziphi izifundo esizifunda kowesifazane waseSamariya-na? 1 Johane 1:1-3; 2 Korinte 5:14 (isigaba sokuqala).**

_______________________________________________________________________________

"Masinyane emva kokuba owesifazane waseSamariya efumene uMsindisi waletha abanye Kuye. Wazibonakalisa njengesithunywa sevangeli esiphumelelakakhudlwana kunabafundi Bakhe. Abafundi Bakhe ababonanga lutho eSamariya okubonisa ukuthi kwakuyinsimu ekhuthazayo. Umcabango wabo wawugxile emsebenzini omkhulu ozokwenziwa esikhathini esizayo. Ababonanga ukuthi okubazungezile isivuno okumele basibuthele. Kodwa ngowesifazane ababemdelela, umuzi wonke walethwa ukulalela uMsindisi. Wathwala ukukhanya ngokushesha kubantu bakubo.

"Lona owesifazane ufanekisa ukusebenza kokholo lwangempela kuKristu. Wonke umfundi weqiniso uzalelwa embusweni kaNkulunkulu njengesithunywa sevangeli. Lowo ophuza amanzi okuphila uba ngumthombo wokuphila. Owamukela umusa uba ngumuphi. Umusa kaKristu emphefumulweni ufana nomthombo osehlane, ophuphumayo ukuze uqabule bonke, nokwenza labo abalungele ukubhubha balangazele ukuphuza amanzi okuphila."-*The Desire of Ages,* p. 195.

**b. Lamava asikhuthaza kanjani namuhla-na? Umshumayeli 11:6.**

_______________________________________________________________________________

"Akudingeki siye kwamanye amazwe ukuze sibe yizithunywa zevangeli zikaNkulunkulu. Yonke indawo sizungezwe amasimu 'amhlophe aselungele ukuvunwa,' futhi noma ngubani othandayo angabuthela 'isithelo ekuphileni okuphakade.' UNkulunkulu ubiza abaningi eBattle Creek abafa ngenxa yobuvila besimoya ukuba baye lapho umsebenzi wabo udingeka khona emsebenzini Wakhe. Phumani eBattle Creek, noma ngabe udinga umnikelo wemali. Hamba uye kwenye indawo ukuze ube yisibusiso kwabanye. Hamba lapho uzoqinisa khona ibandla elibuthakatha. Sebenzisa amandla uNkulunkulu akunike wona."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 187.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlolanja 28

1. **Owesifazane kuyini akwenza uma ebona uJesu njengoMsindisi kuphela-na?**
2. **Chaza ukuthi kusho ukuthini ukuthi amasimu asemhlophe aselungele isivuno.**
3. **UJesu wahlala izinsuku ezingakhi namaSamariya-na?**
4. **Bufakazi buni amaSamariya abunikeza ngoJesu-na?**
5. **Kuyini okwenzeka kubantu ngokushesha uma bamukela uJesu ezimpilweni zabo-na?**

# UJesu Nendodana yeNduna

**IVESI LEKHANDA: "Kepha yena onamandla okwenza okukhulu kunakho konke esikucelayo nesikuqondayo ngokwamandla asebenza kithi, makube kuye udumo ebandleni nakuKristu Jesu ezizukulwaneni zonke zaphakade naphakade. Amen" (Efesu 3:20, 21).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 9, pp. 107, 108, 164-166.

"Akusikona ukuthi siyabona noma siyezwa ukuthi uNkulunkulu uyasizwa ngakho kufanele sikholwe. Kufanele sithembele ezithembisweni Zakhe. Lapho siza Kuye ngokukholwa, zonke izicelo zingena enhliziyweni kaNkulunkulu. Uma sesicelise isibusiso Sakhe kufanele sikholwe ukuthi sisamukele, simbonge futhi ukuthi sisitholile. Kufanele senze imisebenzi yethu, siqinisekile ukuthi isibusiso sizotholakala lapho sisidinga kakhulu."-*The Desire of Ages,* p. 200.

## 1. UKUDONSA UKUNAKA — NgeSonto, Ndasa 2

**a. Emva kokuchitha izinsuku ezimbili eSamariya, uJesu waya kuphi-futhi ngubani owadonswa ukuzwa lezindaba-na? Johane 4:43-46.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Izindaba zokubuyela kukaKristu eKana zasabalala ngokushesha ezweni lonke laseGalile, ziletha ithemba kwabahluphekile nabasosizini. EKapanawume izindaba zadonsa ukunaka kwesikhulu esingumJuda esiyinduna emsebenzini wenkosi."-*The Desire of Ages*, p. 196.

**b. Kungani umphathi ahamba ukuyobona uJesu-na? Johane 4:47.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Indodana yenduna yayiphethwe isifo esibonakala singelapheki. Odokotela babemnikele ukuba afe; kepha lapho uyise ezwa ngoJesu, wazimisela ukufuna usizo Kuye."-Ibid.*,* p. 197.

**a. Chaza ukuthi uJesu wembula kanjani usizi olungaphakathi kwenhliziyo yenduna eyayifuna ukuba aphulukise indodana yakhe eKapernawume. Johane 4:48.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Umntwana wayephansi kakhulu, babenovalo, lokuthi angase angaphili ize ibuye. Nokho induna yenkosi yabona kufanele yethule udaba mathupha. Wayenethemba lokuthi umkhuleko kababa ungase uvuse uzwelo lukaDokotela Omkhulu.

"Ekufikeni kwakhe eKana wathola isixuku sizungeze uJesu. Ngenhliziyo ekhathazekile wacindezela ukuba afike phambi koMsindisi. Ukholo lwakhe lwantengantenga lapho ebona indoda egqoke izingubo ezilula, igcwele uthuli futhi ikhathele ngenxa yohambo. Wangabaza ukuthi Lomuntu angenza lokho ayezokucela Kuye; nokho wathola ithuba lokuxoxisana noJesu wamtshela umsebenzi wakhe, futhi wanxusa uMsindisi ukuthi amphelekezele aye ekhaya lakhe. Kodwa usizi lwakhe belaziwa nguJesu. Ngaphambi kokuba induna isuke emzini wayo, uMsindisi wayebonile ukuhlupheka kwayo.

"Futhi uBazi futhi ukuthi uyise, engqondweni yakhe, wayebeke imibandela yokukholwa kwakhe kuJesu. Ngaphandle uma isicelo sakhe samukelwa, wayengeke amemukele njengoMesiya….

"Naphezu kobufakazi bonke bokuthi uJesu unguKristu, ocelayo wayenqume ukwenza ukukholelwa kwakhe Kuye kube ngumbandela lapho eletha isicelo sakhe."-*The Desire of Ages*, pp. 197, 198.

**b. Uma silingeka ukufuna izibonakaliso, kuyini okufanele sikukhumbule-na? Mathewu 12:38, 39.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UKristu wezwa ubuhlungu bokuthi abantu Bakhe, okwakunikelwe kubo iMibhalo Engcwele, bangehluleka ukuzwa izwi likaNkulunkulu likhuluma kubo ngeNdodana Yakhe."-Ibid*.,* p. 198.

"Abantu bafuna isibonakaliso, njengasezinsukwini zikaKristu. INkosi yabatshela ukuthi akukho sibonakaliso abazophiwa sona. Isibonakaliso okumele sembulwe manje noma nini kungukusebenza koMoya Ongcwele engqondweni kathishela; ukwenza Izwi lingene enhliziyweni ngokungenzeka. Izwi likaNkulunkulu alifile, aliwona umcabango owomile, kodwa lingumoya nokuphila, uSathane akathandi lutho olungcono kunokususa izingqondo eZwini, abheke futhi alindele okuthize ngaphandle kweZwi ukubenza bazizwe."-Selected Messages*,* bk. 2, p. 95.

**a. Chaza umehluko phakathi kwamaJuda namaSamariya mayelana nokukholwa kwabo kuJesu. Marako 6:2-6; Johane 4:40-42.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"AbaFarisi babeshisekela ukufuna ubufakazi bokuthi uKristu ungumkhohlisi! Indlela ababheka ngayo wonke amazwi Akhe, befuna ukuhlanekezela futhi behumusha kabi konke akushoyo! Ukuzigabisa nokuchema nentukuthelo. Kwavala indlela yomphefumulo yamelana nobufakazi beNdodana kaNkulunkulu. Lapho ekhuza ngokusobala ububi babo futhi ememezela imisebenzi yabo njengefakazela ukuthi bangabantwana bakaSathane, bachitha icala labo ngolaka bathi, asisho kahle ukuthi wena ungumSamariya, nokuthi unedimoni."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 70.

"UMsindisi waqhathanisa lombuzo wokungakholwa ngokukholwa okulula kwaMasamariya, olungazange lufune isibonakaliso noma uphawu. Ilizwi Lakhe, ubufakazi obuhlala bukhona bobungcwele Bakhe, babunamandla adelisayo afinyelela ezinhliziyweni zabo."-*The Desire of Ages,* p. 198.

"Noma [uJesu] wayengumJuda, wayehlangana ngokukhululeka namaSamariya, azange awenze ize amasiko abaFarisi angamaJuda maqondana nabantu abadelelekile. Wayelala ngaphansi kophahla lwabo, edla ematafuleni abo, efundisa futhi emigwaqeni yabo."-*The Acts of the Apostles,* p. 19.

**b. Chaza amava abaningi abaye bakhuluma iqiniso lanamuhla kubantu abathi bakholwa nguNkulunkulu ezikhathini zonke. Jeremiya 20:8-11.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Zonke izimpikiswano eziphikisana noKristu zazisekelwe emangeni. Kwabanjalo nangoStefani, noPawule. Kodwa izitatimende ezibuthakathaka futhi ezingathembeki kakhulu ezazishiwo ohlangothini olungalungile zazinomfutho, ngoba babebaningi izinhliziyo zabo ezingagcweliswanga, ababefisa ukuthi lezinkulumo zibe yiqiniso. Abanjalo bahlala bemaganga ukunamathela kunoma yiliphi iphutha elicatshangwa yilabo abakhuluma kubo iqiniso elingathandeki.

"Akufanele kusimangaze lapho imibono emibi ithathwa ngokuhaha njengamaqiniso angenakungabazwa yilabo abanxanela amanga. Labo abaphikisana noKristu babephinde badungeke futhi bathuliswe ukuhlakanipha kwamazwi Akhe. Nokho babelalela ngokulangazela wonke amahemuhemu, futhi bathole izaba zokumphikisa ngemibuzo bemelene Naye."-*Selected Messages,* bk. 1, pp. 70, 71.

## 4. ISICELO NGOKUZITHOBA — Ngolwesithathu, Ndasa 5

**a. Lapho ukukholwa kwenduna kubambelela kuKristu, yasiphinda kanjani isicelo sayo-na? Johane 4:49.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Njengokubanika kokukhanya, amazwi oMsindisi enduneni abeka obala inhliziyo yayo. Yabona ukuthi isizathu sokufuna uJesu kwakuyinto yobugovu. Ubuyaluyalu bokholo lwakhe babonakala kuye ngokwesimilo sakhe seqiniso. Ngokukhathazeka okukhulu yaqonda ukuthi ukungabaza kwayo kungachaphazela ukuphila kwendodana yakhe. Beyazi ukuthi usebukhoneni baLowo ofunda imicabango, futhi uphambi kwalowo zonke izinto ziyenzeka….Ukukholwa kwayo kwabambelela kuKristu njengoJakobe, lapho, ebambana neNgelosi, wakhala, anginakukuyeka, ukuba uhambe, ungangibusisanga.' Genesis 32:26."-*The Desire of Ages,* p. 198.

**b. Kuyini esingakufunda kulokhu uJesu akwenza esikhundleni sokuya endlini yenduna-na? Johane 4:50**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"UJesu ubenesipho esikhulu angabapha sona. Wayefisa, kungesikho ukuphilisa umntwana, kodwa ukwenza induna nendlu yakhe bahlanganyele kwisibusiso sensindiso, nokokhela ukukhanya eKapanawume, lokhu masinyane okuzoba insimu yomsebenzi Wakhe. Kodwa isikhulu kwakumele siqonde isidingo saso ngaphambi kokufisa umusa kaKristu. Inceku yenkosi ifanekisa iningi lesizwe sakhe. Sasinentakazelelo kuJesu ngesizathu sobugovu baso. Sasinethemba lokuthola usizo olukhethekile lwamandla Akhe, futhi sabeka ukholo lwaso lokubanika umusa wesikhashana; kodwa sasingenalwazi lwesifo sesimoya saso, futhi singasiboni isidingo saso somusa ongcwele….

"UMsindisi angeke asuke emphefumulweni obambelela Kuye, encenga ngesidingo esikhulu. Hamba, esho; indodana yakho iphilile.' Induna yasuka ebukhoneni boMsindisi ngokuthula nangenjabulo angazanga wayazi ngaphambili. Akakholwanga kuphela ukuthi indodana yakhe iphiliswa, kodwa ngesibindi esikhulu wakholwa kuKristu njengoMsindisi."-Ibid., pp. 198, 199.

"Sonke sifisa izimpendulo ezisheshayo neziqondile zemikhuleko yethu, futhi siyalingeka ukuba sidangale lapho impendulo ibambezeleka noma iphendulwa ngohlobo olungalindelwe. Kodwa uNkulunkulu uhlakaniphe kakhulu futhi muhle ukuba aphendule imikhuleko yethu njalo ngesikhathi esifanele nangesimo esifisa ngayo. Uzosenzela okukhulu kangcono kunokufeza zonke izifiso zethu….lamava avivinya ukholo ngokwenzuzo yethu."-*The Ministry of Healing*, pp. 230, 231.

## 5. UKUPHOLISWA NOKUSINDISWA **Ngolwesine, Ndasa 6**

**a. Kungayiphi indlela uJesu aphulukisa ngayo indodana yenduna-na? Johane 4:51-53; Yiliphi iqiniso elikukhumbuza lona-na? Efesu 3:20, 21.**

__________________________________________________________________________

"Ngaso lesosikhathi lapho ukholo lukayise lubamba khona isiqinisekiso, 'Indodana yakho iphilile,' uthando olungcwele lwathinta umntwana ofayo."-*The Desire of Ages,* p. 199.

"Ngehora elifanayo abalindi ngaphandle komntwana owayesefa ekhaya eKapernawume babona ushintsho oluyimfihlakalo olusheshayo. Ithunzi lokufa laphakanyiswa ebusweni balowo ohluphekile. Umkhuhlane wasuka kwabonakala inkazimulo ibuyisela impilo. Amehlo afiphele akhanya ngenhlakanipho, namandla abuya ebuthakathakeni, kwisimo somzimba esihushekile. Lwalungekho uphawu lwesifo esasikhona kumntwana. Inyama yakhe evuthayo yathamba futhi yamatha, futhi wazumeka ubuthongo obunokuthula. Umkhuhlane wamshiya ekushiseni kwelanga. Umndeni wamangala, futhi kwaba kukhulu ukujabula."-Ibid.

**b. UJesu uphendula kanjani kunoma ngubani ocela usizo-na? Mathewu 11:28-30.**

__________________________________________________________________________

"UMsindisi angeke asuke emphefumulweni obambelela Kuye, oncenga ngesidingo esikhulu."-Ibid., p. 198.

"Ingabe uzizwa ukuthi uyisoni esingenathemba lokuthola isibusiso esivela kuNkulunkulu-na? Khumbula ukuthi uKristu weza kulomhlaba ukusindisa izoni. Asinalutho esingazincoma ngakho kuNkulunkulu; Ukunxusa esingakuletha manje naphakade yisimo sethu sokungabi nakuzisiza ngokuphelele, okwenza amandla Akhe okuhlenga abe yisidingo. Silahla konke ukuzethemba, ukuze sibheke esiphambanweni saseKhalvari sithi:

"Esandleni sami ayikho intengo engiyilethayo; Kuphela esiphambanweni Sakho ngiyabambelela."-*The Ministry of Healing,* p. 65.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE **NgoLwesihlanu, Ndasa 7**

1. **Kungani abaprofethi ngokuvamile bengamukelwa ezindaweni zakubo-na?**
2. **Mazwi-mani enduna embula ukungakholwa kwayo-na?**
3. **UKristu waphendula kanjani ukungakholwa kwabantu-na?**
4. **Ngubani owabonakalisa ukholo olukhulu kuJesu-amaJuda noma abeZizwe-na?**
5. **Kuyini uJesu akuthembisa bonke abamukela isimemo Sakhe-na?**

# UJesu Nomuntu Ofe Uhlangothi eBethesda

**"IVESI LEKHANDA: "Kepha wabaphendula wathi: UBaba usebenza kuze kube-manje, nami ngiyasebenza" (Johane 5:17).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 1, pp. 560-567.

"Umsebenzi kaKristu wokwelapha abagulayo wawuvumelana ngokuphelele nomthetho. Lomsebenzi wawuhlonipha iSabatha."-*The Desire of Ages,* p, 207.

## 1. AMANZI OKWELAPHA *NgeSonto*, Ndasa 9

**a. Kungayiphi inhloso abantu abaningi abakhubazekile bebaya eJerusalema-na? Johane 5:2, 3.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

**b. Iyiphi inkolelo abantu ababenayo ngechibi laseBethesda-na? Johane 5:4.**

________________________________________________________________________

"Ngezikhathi ezithile amanzi echibi ayenyakaziswa, futhi kwakukholelwa ngokuvamile lokhu njengomphumela wamandla angaphezulu, nokuthi noma ngubani ozongena kuqala emva kokuzanyazanyiswa kwechibi lamanzi, uzopholiswa noma enesifo esinjani. Amakhulu-khulu abantu abahluphekile ayehambela leyondawo; kodwa isixuku sasisikhulu lapho amanzi ezanyazanyiswa ukuba bagijimele ngaphambili, benyathela phezu kwabesilisa, nabesifazane, nabantwana, ababebuthakathaka kunabo. Abaningi babengakwazi ukufinyelela echibini. Abaningi ababephumelela ukufinyelela kulo kodwa bafele emkhawulweni walo. Kwakhiwa izindawo zokukhusela eduze kwalendawo, ukuze abagulayo bavikeleke ekushiseni kwelanga emini kanye namakhaza ebusuku. Kwakukhona abachitha ubusuku kulamavulandi, bekhasela ongqengqemeni lwechibi usuku nosuku, ngethemba eliyize lokuphiliswa."-*The Desire of Ages,* p. 201.

**c. Yaqala kanjani inxoxiswano phakathi kukaJesu nendoda eyodwa echibini-na? Johane 5:5-7.**

________________________________________________________________________

**a. Yimuphi umsebenzi ongenakwenzeka kubantu uJesu akusho kumuntu ofe uhlangothi awenze-futhi kwaba nayiphi imiphumela-na? Johane 5:8, 9 (isigaba sokuqala).**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UJesu akacelanga ogulayo ukuthi abonise ukholo Kuye. Wathi kuye, 'Sukuma, uthabathe uhlaka lwakho, uhambe.' Kodwa ukukholwa kwalendoda kwabambelela kulelozwi. Yonke imizwa nemisipha yavuswa ngokuphila okusha, futhi isenzo esinempilo safinyelela ezithweni zayo ezikhubazekile. Ngaphandle kokungabaza wabeka intando yakhe ekulaleleni umyalo kaKristu, futhi yonke imisipha yasabela entandweni yakhe. Wasukuma ngezinyawo zakhe, wazifumana esengumuntu okhuthele.

"UJesu akazange amnikeze isiqinisekiso sosizo olungcwele. Kungenzeka ukuthi indoda ingayeka ukungabaza, futhi ilahlekelwe ithuba layo elilodwa lokupholiswa. Kodwa walikholwa izwi likaKristu, futhi ngokwenza phezu kwalo wathola amandla."-*The Desire of Ages,* pp. 202, 203.

**b. Abantu abahlukaniswe noKristu bezithola bekwisiphi isimo sesimoya-na? Isaya 1:5, 6; Roma 7:24.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Ngenxa yesono sithe sahlukaniswa ekuphileni kukaNkulunkulu. Imiphefumulo yethu yonakalisiwe. Ngokwethu asikwazi ukuphila impilo engcwele njengoba kunjalo ngomuntu ongenamandla obekwazi ukuhamba. Baningi abaqonda ukungakwazi ukuzisiza ngokwabo, futhi abalangazelela ukuphila kwesimoya okuzobaletha ekuvumelaneni noNkulunkulu; bazama ngeze ukukuzuza."-Ibid., p. 203.

**c. Yiliphi ikhambi kuphela lesimo esinjalo-na? Izenzo 9:34.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UMsindisi ukhothama phezu kwegazi Lakhe alithengile, esho ngesisa nesihawu esingachazeki, 'Uyathanda ukuphiliswa-na?' emncenga ukuba avuke enempilo nokuthula. Ungalindi ukuzizwa ukuthi uphilisiwe. Kholwa yizwi Lakhe, futhi lizogcwaliseka. Beka intando yakho ohlangothini lukaKristu. Uthande ukumkhonza Yena, futhi ngokwenza phezu kwelizwi Lakhe uzothola amandla. Noma yikuphi okubi okwenzayo, intshiseko enkulu yokuzitika isikhathi eside kubopha kokubili umphefumulo nomzimba, uKristu uyakwazi futhi ulangazelela ukukukhulula. 'Uniphilisile nani 'enanifile ngeziphambeko.' Efesu 2:1. Uzokhulula abathunjiwe ababanjwe ubuthakathaka namashwa namaketanga esono."-Ibid.

**a. UKristu usisiza kanjani ukuba sinqobe-na? Efesu 2:1-6.**

"Umuntu ngokwemvelo utshekele ekulandeleni imicabango kaSathane, futhi angeke amelane ngempumelelo nesitha ngaphandle kokuthi uKristu, uMnqobi onamandla, ahlala kuye, aqondise izifiso zakhe, futhi amuphe amandla….USathane wazi kangcono kunabantu bakaNkulunkulu amandla abangaba nawo phezu kwakhe uma amandla abo akuKristu. Uma ngokuzithoba bencenga uMnqobi onamandla ukubasiza, okholwayo obuthakathaka eqinisweni, ngokweyama ngokuqina phezu kukaKristu, angaxosha ngempumelelo uSathane nebutho lakhe lonke."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 341.

"Kufanele sifunde kuKristu. Kumele sazi ukuthi uyini kulabo abahlengileyo. Kufanele siqonde ukuthi ngokukholwa Kuye kuyilungelo lethu ukuba ngabahlanganyeli bemvelo engcwele, kanjalo sibalekele ukonakala okukhona ezweni ngezinkanuko. Bese sihlanjululwa ezonweni zonke, bonke ubuthakathaka besimilo. Akudingeki ukuba sigcine nokukodwa okuyisono….

"Njengoba sihlanganyela imvelo engcwele, ukuthambekela kofuzo nokuhlakulelwa kokubi kuyasuswa kumuntu, futhi senziwe amandla aphilayo okwenza okuhle. Sifunda njalo kuThishela ongcwele, sihlanganyela nsuku zonke kwimvelo Yakhe sibambisana noNkulunkulu ekunqobeni izilingo zikaSathane. UNkulunkulu yasebenza, nomuntu uyasebenza, ukuze umuntu abemunye noKristu njengoba uKristu emunye noNkulunkulu. Bese sihlala noKristu ezindaweni zasezulwini. Ingqondo iphumule ngokuthula nesiqiniseko kuJesu."-*The Review and Herald,* Mbasa 24, 1900.

**b. Chaza ukuthula okuza ngamandla avela kuKristu. Roma 8:3-6.**

______________________________________________________________________________

"Wonke umntwana uphila ngempilo kababa wakhe. Uma ningabantwana bakaNkulunkulu, abazelwe ngoMoya Wakhe, niphila impilo kaNkulunkulu… [Futhi] ukuze nokuphila kukaJesu kubonakaliswe emzimbeni wethu' (2 Korinte 4:11). Ukuphila okukuwe kuzoveza isimilo esifanayo sibonakalise imisebenzi efanayo njengaleyo yenziwa Nguye. Kanjalo uzovumelana nezimiso zonke zomthetho Wakhe; ngoba 'umthetho kaJehova uphelele, uvusa umphefumulo.' Amahubo 19:7, isiphetho. Ngenxa yothando 'ukuze umyalo womthetho' ugcwaliseke kithina, esingahambi ngokwenyama kepha ngokukaMoya.' Roma 8:4."-*Thoughts from the Mount of Blessings*, p. 78.

**a. Bengazinaki izibusiso ezinikezwe lowo ofe uhlangothi, kungani abaFarisi bacasuka-na? Johane 5:9 (isigaba sokugcina), 10.**

______________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"Njengoba (okhubazekile ephilisiwe) ehamba endleleni yakhe ngokuqina, ngamanyathelo akhululekile, edumisa uNkulunkulu futhi ejabulela amandla amasha awatholile, wahlangana nabaFarisi abambalwa, futhi ngokushesha wabatshela ngokuphiliswa kwakhe. Wamangalela ukubanda abalalela ngayo indaba yakhe.

"Ngamabunzi ehlisiwe, bamphazamisa, bebuza ukuthi uthwalelani uhlaka ngosuku lweSabatha. Ngokuqinile bemkhumbuza ukuthi akukho emthethweni ukuthwala imithwalo ngosuku lweNkosi. Ngokujabula lendoda yayikhohliwe ukuthi yiSabatha; nokho akazange azizwe enecala ngokulalela umyalo waLowo owayenamandla anjalo avela kuNkulunkulu. Waphendula ngesibindi, 'Ongiphilisileyo nguyena othe kimi: Thabatha uhlaka lwakho, uhambe.' 'Bambuza bathi: Ngubani lowomuntu othe kuwe: Thabatha uhlaka lwakho uhambe.' Kodwa wayengenakusho. Ababusi bebazi kahle ukuthi nguLowo kuphela ozibonakalisile ukuthi uyakwazi ukwenza lesimangaliso; kodwa babefisa ubufakazi obuqondile bokuthi nguJesu, ukuze bamlahle ngecala njengophula iSabatha. Ekwahluleleni kwabo akaphulanga umthetho kuphela ngokupholisa indoda egulayo ngeSabatha, kodwa wenze inhlamba ngokumtshela ukuthi athwale uhlaka lwakhe."-*The Desire of Ages*, pp. 203, 204.

**b. AmaJuda kuyini abekwenza ngeSabatha-na? Mathewu 23:4.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"AmaJuda aphendukezela kakhulu umthetho ngangokuthi baze bawenza ijoka lobugqila. Izimfuno zabo ezingenangqondo zaba yisaga phakathi kwezinye izizwe. Kakhulukazi iSabatha lalibiyelwe ngazo zonke izinhlobo zemingcele engenangqondo. Kwakungeyona intokozo kubo, ubungcwele bukaJehova, olunodumo. Ababhali nabaFarisi babekwenze ukuligcina kube ngumthwalo ongabekezeleki. UmJuda ubengavunyelwe ukokhela umlilo ngisho nothi lwesibani ngeSabatha. Ngenxa yalokho abantu babethembele kwabeZizwe ukuze bathole izinkonzo eziningi zemithetho yabo eyayinqabela ukuba bazenzele yona. Babengabonisi ukuthi uma lezi zenzo ziyisono, labo ababecela abanye ukuba bazenze babenecala sengathi bawenze ngokwabo lomsebenzi. Babecabanga ukuthi insindiso yayikumaJuda kuphela, nokuthi isimo sabo bonke abanye, sokungabi nathemba kakade sasingeke senziwe sibe sibi kakhulu. Kodwa uNkulunkulu akanikanga imiyalo engenakulandelwa yibo bonke. Imithetho yakhe ayivumeli imingcele engenangqondo noma eyobugovu."-Ibid., p. 204.

## 5. ISABATHA KANYE NENHLOSO YALO — Ngolwesine, Ndasa 13

**a. UJesu wahlanganisa kanjani umthetho kaNkulunkulu kanye neSabatha-na? Isaya 42:21.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"UJesu wezela 'ukugcwalisa umthetho, awenze uhlonipheke.' Kwakungafanele ehlise isithunzi sawo, kodwa ukuze awuphakamise…Wayezele ukukhulula iSabatha kulezo zimfuno ezingumthwalo ezenze iSabatha laba isiqalekiso esikhundleni sesibusiso."-*The Desire of Ages*, p. 206.

**b. Kuyini okufanele nokungafanele ukwenziwa ngeSabatha-na? Eksodusi 20:8-11.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"Phakathi kwabahluphekile echibini [uKristu] wakhetha isimo esibi kakhulu ukuba asebenzise amandla Akhe okuphulukisa, futhi wayala indoda ukuba ithwale uhlaka lwayo idabule phakathi komuzi ukuze imemezele umsebenzi omkhulu enzelwe wona. Ngaleyondlela yayizophakamisa umbuzo wokuthi kuyini okusemthethweni okwenziwa ngeSabatha, futhi yayizovula indlela Yakhe yokulahla izivimbelo zamaJuda maqondana nosuku lweNkosi, futhi imemezela ngeze amasiko abo.

"UJesu wathi kubo umsebenzi wokusiza abahluphekile uyavumelana nomthetho weSabatha. Kwakuhambisana nomsebenzi wezingelosi zikaNkulunkulu, ezihlala zehla futhi zenyuka phakathi kwezulu nomhlaba ukusebenzela uluntu oluhluphekayo….

"Nomuntu unomsebenzi okumele awenze ngalolusuku. Izidingo zempilo kumele zenziwe, abagulayo kumele banakekelwe, izidingo zabasweleyo kumele zigcwaliswe. Angeke athathwe njengomuntu ongenacala odela ukukhulula ohluphekile ngeSabatha. Usuku lokuphumula lenzelwa umuntu, futhi izenzo zomusa ziyavumelana ngokuphelele nenhloso yalo. UNkulunkulu akafisi ukuthi izidalwa Zakhe zihlupheke amahora ebuhlungwini engabe ziphＯlisiwe ngeSabatha noma nangaluphi usuku."-Ibid., pp. 206, 207.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ndasa 14

1. **Iyiphi inkolelo eyayidlangile mayelana nechibi laseBethesda-na?**
2. **Yisiphi isimo esikhethekile esadonsa ukunaka kukaKristu-na?**
3. **Ukukhubazeka kwesimoya sethu kungelashwa kanjani-na?**
4. **Kuyini okwacasula kakhulu amaJuda ngokuphulukiswa okumangalisayo-na?**
5. **Ngeyiphi imisebenzi evumelana nomthetho weSabatha-na?**

# Igunya LeNdodana

**IVESI LEKHANDA: "Ngokuba njengalokhu uYise enokuphila ngokwakhe, kanjalo uyiphile neNdodana ibe-nokuphila ngokwayo. Uyiphile amandla okwahlulela, ngokuba iyiNdodana yomuntu" (Johane 5:26, 27).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Thoughts from the Mount of Blessing,* pp. 123-129.

"Igunya Lami, kusho [uJesu], ngokuba ngenza umsebenzi eningibeka icala ngawo, ukuthi Mina ngiyiNdodana kaNkulunkulu. Ngimunye Naye ngokwemvelo, ngentando, nangenhloso. Kuyo yonke imisebenzi Yakhe yokudala nokuhlakanipha, ngibambisana noNkulunkulu."-*The Desire of Ages*, p. 208.

## 1. UKULINGANA NO-NKULUNKULU — NgeSonto, Ndasa 16

**a. Ngaphandle kokuphulukisa umuntu ofe uhlangothi ngeSabatha, yisiphi esinye isizathu amaJuda amzondela sona uJesu-na? Johane 5:17, 18.**

______________________________________________________________________________

"UJesu wathi unamalungelo alinganayo noNkulunkulu….

"Sonke isizwe samaJuda sasibiza uNkulunkulu ngokuthi unguBaba waso, ngakho-ke sasingeke sithukuthele kangaka lapho uKristu eziveza njengomi ngokulingana noNkulunkulu. Kodwa bambeka icala lokuthi uyahlambalaza, bebonisa ukuthi bayazi ukuthi wenza izimfuno ngomqondo ophakeme kakhulu."-*The Desire of Ages*, pp. 207, 208.

**b. UKristu walwela kanjani igunya lomthetho kaNkulunkulu ngaphezu kwamasiko abantu-na? Mathewu 15:1-9, 13.**

______________________________________________________________________________

"Lezitha zikaKristu zazingenazo izingxabano zokuhlangabezana namaqiniso awaletha ekhaya kunembeza wazo. Babengabala amasiko nemikhuba yabo kuphela, futhi lokhu kwakubonakala kubuthakathaka futhi kuyize uma kuqhathaniswa nezimpikiswano uJesu azithatha ezwini likaNkulunkulu nomjikelezo wemvelo engapheli."-Ibid., p. 208.

**a. UJesu wabuchaza kanjani ubuhlobo Bakhe noYise-na? Johane 5:19, 20.**

_____________________________________________________________________________

_____________________________________________________________________________

**b. Yiliphi igunya namandla akuBaba uKristu asho ukuthi Naye unawo-na? Johane 5:21-23.**

_____________________________________________________________________________

_____________________________________________________________________________

"Abapristi nababusi bazibeka ngokwabo njengabahluleli bokulahla ngecala umsebenzi kaKristu, kodwa wamemezela ngoKwakhe ukuthi ungumahluleli wabo, futhi umahluleli welizwe lonke. Umhlaba unikelwe kuKristu, futhi Ngaye kuza zonke izibusiso ezivela kuNkulunkulu ziya kwisizwe esiwileyo. UbenguMhlengi ngaphambili nangasemva kokuguqulelwa Kwakhe enyameni. Masinyane nje emva kokubakhona kwesono, kwabakhona uMsindisi. Unikile ukukhanya nokuphila kubo bonke, futhi ngokuya ngesilinganiso sokukhanya okunikeziwe, yilowo nalowo uyokwahlulelwa. Futhi Lowo onikeze ukukhanya, Lowo olandela umphefumulo ngokuncenga okumnene, efuna ukuwuzuza usuke esonweni uze ebungcweleni, ungomunye ummeli nomahluleli wako."-*The Desire of Ages,* p. 210.

**c. Chaza ukuguquka kwesimo sengqondo okwenzekayo njengoba sibona ukuthi uKristu ungumahluleli wethu. Roma 2:1-3; Mathewu 7:1.**

_____________________________________________________________________________

_____________________________________________________________________________

"Lowo ozitika ngomoya wokusola unecala lesono esikhulu kunalowo ammangalelayo, ukuthi akenzi isono esifanayo, kodwa wenezela kuso umcabango nokuhlambalaza.

"UKristu uyisilinganiso seqiniso kuphela sesimilo, futhi lowo ozibeka ngokwakhe njengesilinganiso sabanye uzibeka ngokwakhe endaweni kaKristu. Ngokuba noYise kahluleli-muntu; 'ukunike iNdodana konke ukwahlulela' (Johane 5:22), noma ngubani ozama ukwahlulela izisusa zabanye uphinde aqhwage igunya leNdodana kaNkulunkulu. Labo bazoba ngabahluleli nabagxeki abazibeka ngokwabo ohlangothini lomphikukristu, 'omelana nakho konke, nozikhukhumeza phezu kwakho konke okuthiwa uNkulunkulu noma into ekhonzwayo, aze azihlalise ethempelini likaNkulunkulu ezishaya uNkulunkulu."-*Thoughts from the Mount of Blessing,* pp. 125, 126.

"Asikwazi ukufunda inhliziyo. Sinephutha, thina ngokwethu sinephutha, asinalungelo lokuhlala sahlulele phezu kwabanye. Abantu abafayo bangahlulela kuphela okubonakala ngaphandle. Nguye yedwa owazi imithombo efihlakale yesenzo, futhi ophatha ngobubele nangozwelo, unikezwe ukunquma icala lomphefumulo ngamunye."-Ibid., p. 124.

## 3. ISIQINISEKO ESILIGUGU — Ngolwesibili, Ndasa 18

**a. Siqiniseko sini esinikezwe wonke okholwayo ozinikela kuKristu-na? Johane 5:24.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Kuyo yonke imiyalo nakuzo zonke izithembiso zezwi likaNkulunkulu zingamandla, kona kanye ukuphila kukaNkulunkulu, okungase kugcwaliseke ngawo umyalo nesithembiso esaziwayo. Lowo ngokukholwa owamukela ukuphila nesimilo sikaNkulunkulu uqobo."-*Christ's Object Lessons,* p. 38.

"Umsebenzi omkhulu owenzelwa isoni esimabala-bala futhi sanindwa ngububi ngumsebenzi wokulungisiswa. Ngaye okhuluma iqiniso kuthiwa ulungile. INkosi inika okholwayo ukulunga kukaKristu futhi imemezele kuye ukuthi ulungile phambi kwezulu nomhlaba. Udlulisela izono zaso kuJesu, ommeli wezoni, umbambeli, nesiqinisekiso. Phezu kukaKristu ubeka izono zomphefumulo ngamunye okholwayo. 'Ongasazanga isono wamenza isoni ngenxa yethu, ukuze kuyena senziwa sibe ngukulunga kukaNkulunkulu' (2 Korinte 5:21) ….

"Noma njengezoni singaphansi kokulahlwa ngecala ngumthetho, nokho uKristu ngokulalela Kwakhe wanikela umthetho, ngezimfuno zomphefumulo ophendukayo ngokufaneleka kokulunga Kwakhe. Ukuze samukele ukulunga kukaKristu, kuyadingeka kwisoni ukwazi ukuthi lokuphenduka yikona okusebenza inguquko yangempela yengqondo nomoya nesenzo. Umsebenzi wokuguquka kufanele uqale enhliziyweni, futhi ubonakalisa amandla kuzozonke izigaba zomzimba; kodwa umuntu akakwazi ukuqamba inguquko enjengalena, futhi angaba namava kuphela ngoKristu, owenyukela phezulu, wathumba abathunjwa, wapha abantu izipho."-*Selected Messages,* bk. 1, pp. 392, 393.

**b. Yiliphi ilungelo elingcwele uKristu alembula ukuthi unalo-na? Johane 5:25-29.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Njengoba Esenambithe zonke izicucu zokuhlupheka komuntu kanye nesilingo, futhi uyabuqonda ubuthakathaka nezono zabantu; ngoba ngenxa yethu umelane ngokunqoba izilingo zikaSathane, futhi uzoyiphatha ngokulunga nangobubele imiphefumulo igazi Lakhe elachitheka ukuyisindisa-ngenxa yalokhu, iNdodana yomuntu imiselwe ukwahlulela."-*The Desire of Ages*, p. 210.

"UKristu unikezwe amandla anikeza ukuphila kuzo zonke izidalwa."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 249.

**a. UJesu wayichaza kanjani imbangela yokungakholwa kwamaJuda-na? Johane 5:37, 38.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Esikhundleni sokuxolisa ngesenzo abakhononda ngaso, noma abachazele inhloso Yakhe yokwenza lokhu, uJesu waphendukela kubabusi, futhi ummangalelwa waphenduka ummangaleli. Wabasola ngobulukhuni bezinhliziyo zabo, nasekungazini kwabo iMibhalo. Wathi balenqabile izwi likaNkulunkulu, njengoba benqaba Lowo uNkulunkulu amthumileyo."- *The Desire of Ages,* p. 211.

**b. Kungani amaJuda ehluleka ukuqonda imiBhalo-na? Johane 5:39, 40.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Kwikhasi ngalinye, noma umlando, noma isimiso, noma isiprofetho, iMibhalo yeTestamende Elidala iveza imisebe yenkazimulo yeNdodana kaNkulunkulu. Mayelana nokumiswa kwaphezulu, ubuJuda bonke babuyisiprofetho esihlangene nevangeli. 'Ngaye uKristu bonke abaprofethi bafakaza.' Izenzo 10:43. Kusukela ezithembisweni ezanikezwa uAdamu, kwehle ngomugqa wokhokho kanye nomnotho wezomthetho, ukukhanya okukhazimlayo kwamazulu, kwenza abasobala amanyathelo oMhlengi. Inkanyezi yaseBethlehema, uShilo ozayo, njengoba izinto zesikhathi esizayo zishanela phambi kwabo ngodwende oluyimfihlakalo. Kuyoyonke imihlatshelo ukufa kukaKristu kwabonakaliswa. Kulolonke ifu lempepho yokulunga Kwakhe iyenyuka. Ngokukhala kwalo lonke icilongo leJubili igama Lakhe lalizwakala. Ngemfihlakalo esabekayo endaweni engcwele ngcwele lapho kuhlala khona inkazimulo Yakhe.

"AmaJuda ayephethe iMibhalo ezandleni zabo, futhi ecabanga ukuthi ngolwazi lwabo izwi lwangaphandle banokuphila okuphakade. Kodwa uJesu wathi, 'Nezwi Lakhe aninalo elihleziyo phakathi kwenu.' Njengoba benqaba uKristu ngokwezwi Lakhe, banqaba Yena uqobo. 'Kepha anivumi ukuza Kimi, wathi, 'ukuba niphile.'

"Abaholi bakwaJuda babefunde izimfundiso zabaprofethi eziphathelene nombuso kaMesiya; kodwa bakwenza lokhu, kungesikho ngesifiso esiqotho sokwazi iqiniso, kodwa ngenhloso yokuthola ubufakazi bokusekela amathemba abo okuvelela. Lapho uKristu efika ngendlela ephambene naleyo abayilindele, abazange bamamukele; futhi ukuze bazibonakalise ngokwabo, bazama ukubonisa ukuthi ungumkhohlisi. Lapho beqala ukubeka izinyawo zabo kulendlela, kwabalula kuSathane ukuqinisa ukuphikisa kwabo uKristu. Wona lamazwi engabe atholakele njengobufakazi bobungcwele Bakhe ahlanekezelwa ukumelana Naye. Kanjalo baguqula iqiniso likaNkulunkulu laba amanga."- Ibid., pp. 211, 212.

## 5. INKAZIMULO KA-NKULUNKULU — Ngolwesine, Ndasa 20

**a. Kuyini okwaholela amaJuda ukwenqaba uJesu futhi afune abafundisi bamanga-na? Johane 5:41-44.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UJesu wathi, 'Angizange ngithole ukuhlonishwa ebantwini.' Bekungewona umfutho wamaSanhendrin, bekungeyona imvumo yabo abeyifisa. Azange athole inhlonipho ngokuvumelana nabo. Wayenikezwe inhlonipho negunya laseZulwini. Uma ubethandile, izingelosi bezizofika ukuba zimkhonze; noYise wayezophinda afakaze ngobungcwele Bakhe. Kodwa ngenxa yabo, nangenxa yabaholi baso, wayefisa ukuthi ababusi bamaJuda babone isimilo Sakhe, futhi bathole izibusiso ayezele ukubanika zona.

"Ngize egameni likaBaba, aningamuleki; uma kuza omunye ngelakhe igama, niyakumamukela yena.' UJesu weza ngegunya likaNkulunkulu, ethwele umfanekiso Wakhe, ukugcwaliseka kwezwi Lakhe, futhi efuna inkazimulo Yakhe. Kodwa akamukelwanga abaholi bakwaIsrayeli; kodwa abanye uma beza, bethatha isimo sikaKristu, kodwa beqhutshwa yintando yabo futhi befuna olwabo udumo, babezomamukela. Futhi kungani-na? Ngoba bezifunela udumo bencenga ngokuziphakamisa ngaphezu kwabanye. Kwabanjalo encenga amaJuda ukuba asabele. Bazokwamukela abafundisi bamanga ngoba ebabaza ukuzigabisa kwabo ngokuvumela imibono namasiko abo abawathandayo, kodwa izimfundiso zikaKristu azizange zihambisane nemibono yabo. Ngoba beyinguMoya, futhi ifuna ukudela umina, ngakho-ke babengeke bakwamukele. Babengamazi uNkulunkulu, futhi kubo izwi Lakhe ngoKristu bekuyizwi lesihambi.

"Akuyona into efanayo ephinda phindwayo osukwini lwethu-na? Abekho yini abaningi, ngisho nabaholi bezenkolo, abenza lukhuni izinhliziyo zabo ukumelana noMoya Ongcwele, okwenza kungenzeki kubo ukuqaphela izwi likaNkulunkulu-na? Ingabe abalenqabi izwi likaNkulunkulu, ukuze bagcine amasiko abo-na?"-*The Desire of Ages,* pp. 212, 213.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ndasa 21

1. **Yiliphi igunya namalungelo uKristu ayenawo-na?**
2. **Yibuphi ubuhlobo obulokhu bukhona phakathi kukaJesu noYise-na?**
3. **Yimaphi amandla anika ukuphila uKristu anawo-na?**
4. **Chaza uJohane 5:39.**
5. **Chaza umphumela wesizwe samaJuda wokwenqaba uJesu njengoMesiya.**

# UJesu Usuthisa Isixuku

**IVESI LEKHANDA: "Kepha uJesu wathi kubo: Akuswelekile ukuba bamuke; bapheni-nina ukudla" (Johanee 14:16).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 6, pp. 341-348.

"Ngokuvamile siyanqikaza, asithandi ukunikela ngakho konke esinakho, sesaba ukuchitha imali nokuba sisetshenziswe ngenxa yabanye. Nathi uJesu usibizile, 'Bapheni-nina ukudla,' Umyalo Wakhe uyisithembiso; futhi emva kwaso kukhona amandla afanayo asuthisa ngawo isixuku eduze kolwandle."-*The Desire of Ages,* p. 369.

## 1. IMIPHEFUMULO ELAMBILE — NgeSonto, Ndasa 23

**a. Ngaphandle kwabafundi, ngubani omunye owayehamba noJesu lapho ewela ulwandle lwaseGalile ngaphambi kwePhasika-na? Johane 6:1, 2.**

__________________________________________________________________________
__________________________________________________________________________

"UKrestu waphumula endaweni esithekile nabafundi Bakhe, kodwa lesikhathi esingavamile sokuthula nesizothile sasizonqamuka ngokushesha. Abafundi babecabanga ukuthi baphumule lapho bengeke baphazanyiswa khona; kodwa masinyane lapho isixuku siphuthelwa nguthishela wabo ongcwele, Sabuza, 'Uphi Yena? Abanye phakathi kwabo bayiqaphela indawo uKristu nabafundi Bakhe abaye kuyo. Abaningi bahamba ngezinyawo ukuhlangana naye, abanye bahamba ngezikebhe ukudabula amanzi. IPhasika lase lisondele, futhi, kude naseduze, amaviyo ezihambi abuthana endleleni eya eJerusalema ukuze abone uJesu. Kwenezelwa abantu esibalweni sabo, kwaze kwabuthana amadoda ayizinkulungwane ezinhlanu ngaphandle kwabesifazane nabantwana. Ngaphambi kokuba uKristu afike ogwini, isixuku sasimlindele, kepha wehla singamboni, ngoba wahlala nabafundi okwesikhashana."-*The Desire of Ages,* p. 364.

**b. Chaza isimo sikamoya sabantu abahlanganyela ndawonye. Maraku 6:34.**

__________________________________________________________________________
__________________________________________________________________________

**a. Kuyini uJesu ayiqaphela ngothando abantu ababeludinga, futhi walusebenzisa kanjani lethuba ukuze avivinye ukholo lomfundi Wakhe, uFiliphi-na? Johane 6:3-6.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Kusukela egqumeni [uJesu] wabona isixuku esihambayo, inhliziyo yakhe yagcwala uzwelo. Waphazanyiswa kanjalo, futhi waphangwa ekuphumuleni Kwakhe, nokho akazange axhamazele. Wabona isidingo esikhulu esifuna ukunaka Kwakhe lapho ebheka abantu beza futhi ngobuningi. 'Wagcwala isihe ngabantu, ngokuba babe njengezimvu, ezingenamalusi.' Eshiya indawo Yakhe yokuphumula, wathola indawo efanele lapho angabafundisa khona, abatholanga usizo kubapristi nakubabusi, kodwa amanzi okuphila aphuma kuKristu lapho efundisa izixuku indlela yensindiso….

"Kubona usuku lwalubonakala njengezulu emhlabeni, futhi babengazi nhlobo ukuthi kwakunesikhathi esingakanani bengadlanga lutho.

"Ekugcineni usuku lwaphela. Ilanga lase lishona entshonalanga, nokho abantu balibazisa. UJesu wayesebenze usuku lonke engadli futhi engaphumuli. Wayephaphathekile ngenxa yokukhathala nendlala, abafundi bamncenga ukuba ayeke ukushikashikeka. Kepha wayengenakuzikhipha esixukwini esasimncindezela….

"Lowo owafundisa abantu indlela yokuthola ukuthula nenjabulo wayecabanga ngezidingo zabo zesikhashana kanye nesidingo sabo sesimoya. Abantu babekhathele futhi bephelelwa amandla. Kwakukhona omama bephethe izingane ezingalweni zabo, futhi izingane ezincane zibambelele eziketini zabo, abaningi bebemi ngezinyawo amahora amaningi.

"Abaningi babevela kude, futhi bengadlanga lutho kusukela ekuseni. Emadolobheni nasemizaneni ebazungezile bangase bakwazi ukuthenga ukudla…Kodwa uJesu wathi, 'Bapheni-nina ukudla badle,' bese ephendukela kuFiliphu, wabuza ukuthi, sizozithenga nini izinkwa, ukuze laba badle-na?' Lokhu wakusho ukuze avivinye ukholo lomfundi."-*The Desire of Ages,* pp. 364, 365.

**b. UFiliphu waphendula kanjani-na? Johane 6:7.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"UFiliphu wabheka phezu kwamakhanda olwandle, futhi wacabanga ukuthi kwakungeke kwenzeke kanjani ukunikeza ukudla ukwanelisa izidingo zesixuku esingaka. Waphendula ukuthi izinkwa zabodenariyo*abangamakhulu amabili zazingeke zanele ukwabelwa, ukuze kube yilowo nalowo anikele ingcosana."-Ibid.

**a. Yiluphi ulwazi uAndreya alunikeza uJesu-futhi iNkosi yabe isiyalela abafundi ukuba benzene-na? Johane 6:8-10.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"UJesu wabuza ukuthi kungakanani ukudla okukhona phakathi kwesixuku. 'Kukhona umfana lapha,' kusho uAndreya, 'onezinkwa zebhali ezinhlanu nezinhlanzi ezimbili ezincane; kodwa ziyini kwabaningi kangaka-na?' UJesu wayala ukuba zilethwe Kuye. Wasetshela abafundi ukuthi bahlalise abantu etshanini ngamaqembu angamashumi amahlanu noma angamakhulu, ukuze kulondolozwe ukuhleleka, nokuthi bonke bafakaze ngalokho azokwenza."-*The Desire of Ages,* p. 365.

**b. Chaza amanyathelo uKristu awathatha ukwandisa ukudla-futhi yiziphi izifundo esingazifunda kulokhu. Mathewu 14:19; Maraku 6:37-41; Johane 6:11.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"UJesu akazange afune ukudonsela abantu Kuye ngokwenelisa isifiso sokunethezeka. Esixukwini esikhulu, esikhathele futhi esilambile, ngemva kosuku olujabulisayo, imali encane yayiqinisekisa amandla Akhe kanye nesisa Sakhe kuzo izidingo ezivamile zempilo. UMsindisi akazange athembise abalandeli Bakhe ukunethezeka komhlaba; isabelo sabo singavinjelwa ubumpofu; kepha izwi Lakhe lithembisile ukuthi ukuswela kwabo kuyakunikezwa, futhi uthembisile okuhle okungcono kunobuhle basemhlabeni, induduzo ehlala njalo yobukhona Bakhe."-*The Ministry of Healing,* pp. 47, 48.

"Ngalesi simangaliso, uKristu wasamukela kubaba; wabanika abafundi Bakhe, abafundi banika abantu, nabantu omunye komunye. Ngakho-ke bonke abahlanganiswa noKristu bazokwamukela Kuye isinkwa sokuphila, futhi nabo basinikeze abanye. Abafundi Bakhe bayizindlela ezimisiwe zokuxhumana phakathi kukaKristu nabantu."-Ibid., p. 49.

**c. Yisiphi isifundo senkonzo yeqiniso esikhunjuzwa ngayo lapha-na? Isaya 61:6.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Abafundi baletha konke ababenakho kuJesu; kodwa akabamemanga ukuba badle. Wathi mabaphe abantu ukudla. Ukudla kwanda ezandleni Zakhe, nezandla zabafundi, zelulekela kuKristu, futhi azizange ziswele. Okuqongelelwe okuncane kwanela bonke. Lapho isixuku sesisuthisiwe, abafundi badla noJesu okuyigugu, ukudla okunikezwe izulu."-Ibid.

**a. Kuyini okufanele sikufunde ngesiyalezo esibalulekile uJesu asinikeza emva kokusuthisa izixuku-na? Johane 6:12, 13.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Lapho iziqebetho zezimvuthuluka sezibuthiwe, abantu babecabanga ngabangane babo ekhaya. Babefuna ukuthi bahlanganyele nabo kwisinkwa uKristu ababusise ngaso. Okwakuphakathi kweziqabetho kwahlukaniswa phakathi kwesixuku esishisekelayo, futhi kwahanjiswa kuso sonke isifunda nxazonke."-*The Desire of Ages,* p. 368.

"UJesu wathi kubafundi Bakhe, 'Buthani imvuthuluko eseleyo, kungachitheki-lutho.' Johane 6:12. Lamazwi ayesho okukhulu kakhulu kunokubeka ukudla kwiziqabetho. Isifundo lapha sasikabili. Makungachithwa lutho. Masingayekeli kushelele ngaphandle inzuzo yesikhashana. Akufanele sidembesele lutho okuzokhulula izidingo zolambile emhlabeni. Ngokunakekela okufanayo sigcina isinkwa esivela ezulwini ukuze senelise izidingo zomphefumulo. Ngalolonke izwi likaNkulunkulu sizophila. Makungabikho lutho uNkulunkulu alukhulumile oluzolahleka. Kungabikho izwi eliphathelene nensindiso yethu yaphakade okufanele silishaye indiva. Akukho nelilodwa izwi okufanele liwele phansi lingenamsebenzi."-*The Ministry of Healing,* p. 48.

**b. Ngisho nalapho kungase kubonakale kungathandeki noma kungenakwenzeka, ukuthi iyiphi imfanelo yobuKristu esiyalwa ukuba siyihlakulela-na? Isaya 58:6-8; 1 Peter 4:9.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Kuzo zonke izinto eziphuthumayo kufanele sifune usizo Kuye izinsiza zonke ezingapheli ngokuyala Kwakhe….

"Njengoba sibona izidingo zabampofu, abangenalwazi, abahluphekayo, kukangakhi izinhliziyo zethu zicwila. Siyabuza, 'Kusizakala kuni amandla ethu abuthakathaka nezinsiza zokusebenza ezincane ukuze sinikeze lesidingo esinzima-na? Angeke yini silinde omunye onekhono elikhulu ukuba aqondisa umsebenzi, noma inhlangano ethile ukuwuqondisa-na? UKristu uthi, 'Bapheni-nina ukudla.' Sebenzisa imali, isikhathi, ikhono, onalo. Lethani izinkwa zebhali kuJesu.

"Noma izinsiza zinganeli ukondla izinkulungwane, zinganela ukondla oyedwa. Esandleni sikaKristu bangondla abaningi. Njengabafundi, banikeze lokho abanakho. UKristu uzophinda phinda ukuhlinzekela. Uzovuza ukweyama ngokuthembeka okulula Kuye. Lokhu okubonakala kuyingcosana kuzoba idili elinothile."-Ibid., pp. 49, 50.

## 5. UMDALI WETHU NOMONDLI WETHU — Ngolwesine, Ndasa 27

**a. Yiziphi izimpawu ezimangalisayo zikaNkulunkulu okungafanele sizikhohlwe-na? Amahubo 37:25, 26; Filiphi 4:19.**

___________________________________________________________________________

___________________________________________________________________________

"Kungumusa kaNkulunkulu owenza inxenye encane ayenza yanele bonke. Isandla sikaNkulunkulu singandisa ngokuphinda phindwe kayikhulu. Ngempahla Yakhe angendlala itafula ehlane. Ngokuthinta isandla Sakhe uzokwandisa ukudla okuyingcosana kwanele bonke. Ngamandla Akhe wandisa izinkwa namabele ezandleni zamadodana abaprofethi….

"Lapho uJesu ethi kubafundi Bakhe yiphani isixuku ukudla, baphendula bathi, 'Esinakho yizinkwa ezinhlanu nezinhlanzi ezimbili; kuphela ngaphandle kokuba siyobathengela bonke lababantu ukudla.' Luka 9:13. Kuyini lokho phakathi kwabaningi kangaka-na?

"Isifundo esabantwana bakaNkulunkulu kuzo zonke izikhathi. Lapho iNkosi inikeza umsebenzi okufanele wenziwe, makungabikho abantu ababuza isizathu somyalo noma umphumela ongenzeka ngemizamo yabo ukuyilalela. Ukudla okusezandleni zabo kungabonakala kukuncane ukwenelisa wonke umuntu; kodwa ezandleni zeNkosi kufakazela kuyakudlula okwanele….

"Umuzwa ophelele wobudlelwane noNkulunkulu kulabo abathenga ngesipho seNdodana Yakhe, ukholo olukhulu lokuqhubela phambili inhloso Yakhe emhlabeni…lesi isidingo esikhulu sebandla namuhla. Ungachithi isikhathi ngokugxeka ubuncane bezinsiza zabo ezibonakalayo. Ukubonakala kwangaphandle kungase kungathembisi, kodwa amandla nokuthembela kuNkulunkulu kuzothuthukisa izinsiza. Isipho esilethwa Kuye ngokubonga nangomkhuleko wezibusiso Zakhe. Uzokwanda njengoba andisa ukudla okwanikezwa amadodana abaprofethi kanye nesixuku esikhathele."-*Prophets and Kings,* pp. 241-243.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ndasa 28

1. **Chaza isimo senqondo yabantu lapho belalela amazwi kaKristu.**
2. **INkosi yenelisa kanjani izidingo zabo zenyama-na?**
3. **Sifundani ngendlela uKristu agcina ngayo isixuku sihlelekile-na?**
4. **Kuyini okufanele ngikukhumbule noma-nini lapho ngilingeka, "Bapheni-nina ukudla"?**
5. **Yisho izikhathi lapho unakekelo lukaNkulunkulu kuwe luphawuleka ngokukhethekile.**